

KUSUKELA KULESO SIKHATHI

 Ngiyabonga ngomusa omkhulu, Mfowethu.

² Sanibona kusihlwa, bangani. Kuyinhlanhla ukubuyela endlini yeNkosi ngaloMgqibelo ntambama, ngijabulela izibusiso zeNkosi.

³ Futhi ngifuna ukusho, ukuthi ngempela sibe nesikhathi esimangalisayo kulokhu ukusa kulokho kudla kwasekuseni. Ngiyathanda nje, ngiyathanda, uthando. Futhi lokho yi... Lapho...uNkulunkulu uluthando, futhi lapho Eveza uthando lwaKhe kithi, khona-ke, o, lumnandi kanjani! Ukuhlanganyela nje ezintweni ezinhle zikaNkulunkulu, kumangalisa *kakhulu*.

⁴ Manje, ngiqagele ngithi nje ukunibangela umsindo kancanyaana nina baseCanada abadla ngoludala. Ngakho-ke, ngithetheleleni ngeyami, mhlawumbe, indlela enobuluhlaza yokuza emsamo nemikhuba enginayo.

⁵ Ngakho, futhi omunye wangibuza ngesinye isikhathi, wathi, sasikhulumu ngobuzwe, wathi, “Mfowethu Branham, ubuzwe buni na?”

⁶ Ngathi, “UmiIrishi.” Ngathi, “Awu, uma i...uma umIrishi engasindiswa, kukhona amathemba omhlaba wonke khona-ke, sonke isintu sinethuba, uma umIrishi engasindiswa.”

⁷ Ngakho, ngenyukela lapha nani baseNorway, nabaseScandinavia, namaJalimane, nokunye, ngempela kuyinto emangalisayo kithi, ukuza futhi sihlanganyele ngasezibusisweni zikaNkulunkulu. Futhi niyazi, ngale e—eZweni elikhulu, asiyikuba ngabaseNorway noma umIrishi, siyobe sehlukene ngaleyonkathi, siyoguqulwa, ngijabula kakhulu.

⁸ Futhi selokhu ngaphenduka, futhi ngenikela impilo yami eNkosini uJesu eminyakeni engamashumi amathathu ethile edlule, ngenkathi ngisengumfana nje, futhi uma benginokuzisola okukodwa empilweni yami, ukuzisola okukhulu kunakho konke ukuthi mina, nginokuningi kwakho, kodwa ukuzisola okukhulu kunakho konke ukuthi anginikelanga impilo yami eNkosini uJesu ngenkathi ngisemusha. Ngangithi mhlawumbe angibe neminyaka engamashumi amabili ubudala ngenkathi ngenza lesosinqumo.

⁹ Kodwa ukuba ngangikwenzile lokho ngenkathi ngineminyaka yalomfana omncane ohlezi lapha, ngiyakholwa, mhlawumbe, bengingaMzuzela imiphefumulo eminingi. Futhi uma ngenqatshwa ekupheleni komgwaqo, Angeke angivumele ngingene, ngi—ngizoMthanda noma kanjani, ngoba ngyiaMthanda nje, ngoba ngyiaMthanda.

¹⁰ Ngicele uMfowethu Mercier ukuba aveze obunye bobufakazi bombono iNkosi enginike wona maduze nje. Ngifuna ukukubiza ngombono, ngoba ngimanqikanqika kancane ngokusho enye into, ngoba bekuyozwakala sengathi bengizama ukulingisa u—umphostoli omkhulu, uPawulu, owahlwithelwa e—emazulwini lesithathu.

¹¹ Kodwa bengilele embhedeni ngenkathi kwenzeka futhi bengilele kahle ubusuku bonke. Futhi ngibe nemibono eminingi, njengoba sazi, kodwa lokhu kwakungafani nanoma yimuphi engake ngaba nawo. Kodwa bengihlala njalo ngesaba kancane ukufa. Ngibathanda kakhulu abantu ngaze ngacabanga... Ngingesabi ukuthi ngangingasindisiwe, kodwa ngangingafuni ukuba ngumoya, ngifuna ukuba umuntu ngaso sonke isikhathi, futhi ngakho ngenkathi ngangi... Nomaphi lapho ngangikhona, kwakungekude, elinye izinga ndawondawo.

¹² Futhi lapho sishiya lomzimba, asisiyo imimoya, “Uma lelidokodo lasemhlabeni lidilizwa, sinalo eselivele lilindile.” Niyabo? UNKulunkulu unolunye uhlobo lomzimba, lapho esiphatheka ngempela njengoba sinjalo khona lapha.

¹³ Kusukela ngaleyonkathi, kukhiphe onke amafindo ekucabangeni kwami. Futhi manje, uma bekungengenxa yabantwana bami nangenxa yeVangeli, awu, ngiyothi kuqala iVangeli, bese kuthi-ke abantwana bami nomkami, abathandekayo bami lapha, ngiyokwemukela noma ngasiphi isikhathi, ngoba lapho, kwakungekho kugula, kungekho-sizi, kungekho—kungekho-sono, kungekho lutho, kwakungukuphelela.

¹⁴ Futhi o, ngithanda kanjani ukucabanga! Futhi ngenkathi ngilapho ngacabanga, “Uma ngingake ngibuyele emuva, bengiyocindezela abantu ukuba beze lapho, bengiyobancenga ngazo zonke izindlela ebengingakwazi ukuba beze kuleyoNdawo.” Bangane, ningakugeji lokho, lokho—lokho kukhulu kunakho konke.

¹⁵ Ugeje yonke into... Ungahle ukuba ubungusomabhizinisi ophumelelayo, ungahle ukuba ube ngowesilisa olungleyle noma owesifazane olungleyle, umfana noma intombazane, kodwa ungaligeji iZulu. Kholwa eNkosini uJesu Kristu ngakho konke okukuwe.

¹⁶ Futhi manje, angiyena umuntu ogcina umthetho ngempela, ngoba, niyazi, uNkulunkulu akanasimo, iBhayibheli lasho njalo, ngakho asinalutho olugcina umthetho. Ngasekhaya lethu, si... akukho okugcina umthetho.

¹⁷ Nginabancane abathathu abathandekayo ekhaya, noBilly, indodana yami, unami. Futhi nje singumndeni omkhulu wabantu abathanda iNkosi ngayo yonke inhliziyo yethu.

¹⁸ Nginomfanyana cishe, ube, izolo ubeneminyaka eyisithupha ubudala. Futhi, kodwa eminyakeni eyisithupha ngaphambi

kokuba afike, iNkosi yangitshela ukuthi ngiyoba nalendodana, futhi ngifanele ngibize igama layo, “uJoseph.” Nomfanyana usevele ubona imibono nokukhuluma izinto empeleni eza eqinisweni ngokuphelele. Nje . . .

¹⁹ Ngolunye usuku, ngizodingeka ngi . . . Ngethemba ukuhamba naye ngehlele ejordani, futhi ngibambe inqola yami, futhi ngenyukeni, ngithemba ukuthi umemeza kakhulu, “Baba wami, baba wami, izinqola zika-Israyeli, abamahhashi bakhe.”

²⁰ Amantombazanya ami, enye yawo ayisencane kangako, isivele ineshumi nane, angamantombazane kababayi, niyazi ukuthi sibathanda kanjani abantwana bethu.

²¹ Esikhathini esithile esedlule, ngangicabanga nje, nighlangane nomngani kulentambama, noma, indoda ezethule njengoMnu. Pettigrew. Unegama lomfundisi omuhle oyiBaptisti umngani wami eLouisville, eKentucky, uDkt. Pettigrew.

²² Ngikhuluma ngolunye usuku, ngangicabanga ngesikhathi ukuthi . . . UMfowethu Pettigrew wayehlale njalo eyiskhulu esikhulu esimele izwe laso emazweni ekukhulumeni kwakhe, wayenemba *kakhulu* futhi esike nje kuze kube umzuzwana, niyazi, futhi—futhi wasebenzisa ukukhulunywa nokubhalwa kolwimi okuhle kakhulu, njengokuthi uma wafundisa uWebster, futhi—futhi ngi—futhi ngangisebenzisa esami esidala saseningizimu u *bakhe*, futhi *hain't, notote, nothatha, nothwala*, nawo onke, futhi wathi, “Billy, ngikholwa ukuthi ubungapholisha kancane ekufundweni nokubhalwa kolwimi kwakho.”

²³ Ngathi, “Awu, ngiyakutshela, Dokotela,” ngathi, “ngangi, ngiqagele lokho kunjalo, kodwa,” ngathi, “ngakhuliswa emndenini wabantwana abayishumi, futhi angitholanga mfundo, selokhu iNkosi ingibizile angibanga naso isikhathi sokukupholisha.”

²⁴ Wathi, “Awu, ngicabanga ukuthi abantu bangakuthakasela kakhulu. Usebenzisa lesosisho kulobubusuku, wathi, uthe, ‘Abantu abedlula kulelipolepiti,’ ” wathi, wathi, “Abantu bebengakuthokozela kakhulu ukuba ubuthe, epulpiti.”

²⁵ Ngathi, “Mnumzane, lokho mhlampe kunjalo, kodwa ngifuna ukwehluka kuwe.” Niyabo? “Ngathi labobantu phandle lapho abanandaba noma ngithi *pulpiti* noma *polepiti* inqobo nje uma ngiphila uhlobo olufanele lokuphila futhi ngiveze lokho engikhuluma ngakho, leyo yinto esemqoka.” Lokho yinto esemqoka.

²⁶ A—akukho ekufundweni nokubhalwa kolwimi, kusempilweni enikelwe. Izikhathi eziningi sinokuningi kakhulu kulokho, sifanele sithole *okuningi kakhulu* ekufundweni nokubhalwa kolwimi, *nokukhulu kakhulu* . . . lokho ngubuhlakani. UNkulunkulu akasuye owobuhlakani,

Ungowomoya, nalokho, siyamkholwa uNkulunkulu ngoMoya, ngokukholwa.

²⁷ Oluncane, uhlobo lomfanekiso, ngobunye ubusuku ngangi, ngiza ekhaya namantombazanyana ayengilindile, uSarah omncane, noRebekah ungomdala kunabo bonke, futhi bona, bengamantombazanyana kababayi, babengilindile leyithi, namehlo abo amancane, indoda yesihlabathi yafafaza okuthize kubo, niyazi, futhi bozela, nomama ubalalisa embhedeni.

²⁸ Ngakho ngangena cishe ngelesithathu nqo ekuseni, emva kwenkonzo enkuIu futhi kanjalo, ehamba kwiphansi, futhi-futhi ehl, eqathaka esuka kulelozinga elikhulu Lapho, phansi lapha.

²⁹ Niyabo, u—umuntu ojwayelekile uyagibela wehlela lapha, umKristu ugibela ngaphezudlwana kwalokho, ngaphezu kwezinto zezwe, kodwa kulokhu, uqhubeka ngale kwalokho ungene embonweni. Ungeke wakuchaza, asikho isidingo sokukuzama.

³⁰ Futhi bangane, uma ngingaphinde nginibone, lelo yiqiniso. Angikwazi ukuphendula ngabalingisi noma ukuqhathanisa kwenyama, kodwa ngiyazi ukuthi yini eyiqiniso. UNkulunkulu unguNkulunkulu, Unguye impela nje njengoba Wayelokhu enjalo. Futhi siyazi ukuthi sinokuqhathanisa kwenyama nokulingisa nokunye nokunye, ukuthi, awu, ukuthi konke kungena kuzo zonke izinhlobo zokuphila, ufanele ukukhumbule lokho.

³¹ Futhi ngakho ngangena cishe ngelesithathu nqo ekuseni, futhi ngazama ukucambalala, futhi ngalala cishe ihora elilodwa, futhi angibange ngisakwazi ukulala, ngakho ngaphumela ekamelweni lokuhlala ngase ngihlala phansi e—esihlalweni. Futhi ngangihlezi lapho, kwakusemini, futhi emva kwsikhashana, emuva ekamelweni labantwana, izingubo zokulala zandiza umzuzwana, noRebekah omncane wayevukile, futhi wacabanga, “Awu, sekuyisikhathi, kufanele ukuthi uBabayi usesekhaya.”

³² Ngakho nangu eza edabula endlini ngamandla akhe onke, nalokho kwavusa uSara. Wayesengumntwanyana omncanyana ngaleyonkathi, ethi akabe yilobu bungako. Futhi angazi noma ngabe abantwana benu bayakwenza noma qha, abami, njengoba bengihlala njalo ngifanele, sinezimpahla esizishiyelwe othile, futhi-futhi niyazi ukuthi ngiqonde ukuthini ngalokho, futhi ngakho uSara wayegqoke amaphijama kaRebekah. Futhi ayenezinyawo kuwo niyazi, nezinyawo zazicishe zibe zinde kakhulu kangako ezinyaweni zakhe ezincane, futhi wayethi nje akabe, awe ngale eza.

³³ NoRebekah wayekwazi ukumdlula, ngakho wayenemilenze emide, futhi wagijima futhi wagxumela emlenzeni wami wangakwesokudla kanjalo, futhi wangigaxa ngezingalo zombili

entanyeni yami, futhi wamemeza, “Babayi wami, babayi wami!” O, niyazi ukuthi lokho kwenza inhliziyo yakho izizwe kanjani.

³⁴ Ngakho manje-ke, ngaphambi kokuba uSarah omncane angene lapho, onamehlo amancane ansundu cishe aphakame *kangaka*, waphenduka, uRebekah engigaxile, futhi wangikhumbuza ngelikhulu, ibandla elihambisana nemfashini elihlala njalo lilapho kuqala, niyazi, waphendukela kimi, esithweni sami, futhi wabuka emuva kuSara, wayesethi, “Sara, dadewethu, ngifuna wazi into eyodwa, ngifike lapha kuqala, futhi nginaye wonke uBabayi futhi akukho okusalele wena.”

³⁵ Awu, uSarah omncane bandla, wangikhumbuza ngo-ngomfo omncane ozabalaza kahle nje, niyazi, nomlomo wakhe omncane, izindebe ezincane zehliswa, amehlo akhe amancane ansundu aqala ukuba nezinyembezi. Ngase ngibuka ngale ngase ngimcifela iso futhi ngamqhweba *kanjalo*, ngase ngikhipha omunye umlenze wami.

³⁶ Ngakho nangu eza nalawo amakhulu, amaphijama anezinyawo zikanogwaja, niyazi, futhi wagxumela emlenzeni wami, futhi wayediyazela kahle nje, wayengakwazi ukubambelela, imilenze yakhe wawumfushane kakhulu. Niyabo? Kuvele kungifake engqondweni welincane, ibandla elisha elikade lingekho isikhathi eside kakhulu, ikholwa, niyazi. Futhi ngibone umfo omncane engahle awe, egxuma egxamalazela umlenze wami kanjalo, ngakho ngavele ngamgaxa ngezingalo zombili ngase ngimgona ngamsondeza eduze kwami.

³⁷ Wayenekhanda lakhe elincane lincike kimi, futhi emva kwesikhashana, wasukuma, nalawo amakhulu, amehlo ansundu, wabuka phezulu kuBecky, wayesethi, “Rebekah, dadewethu, kukhona engifuna ukukusho kuwe, futhi.” Wathi, “Kungahle kube yiqaqiso ukuthi unaye wonke uBabayi, kodwa ngifuna wazi into eyodwa, uBabayi unami wonke.”

³⁸ Ngakho—ngakho si... Ngingahle ngingahambisani nemfashini kakhulu ekukhulumeni futhi ngiqonde kahle kakhulu esiNgisini sami, kodwa inqobo nje uma Enami wonke, yilokho kuphela engikukhathalelayo, inqobo nje uma Engangibamba futhi angitshelo ukuthi ngithini, ukuthi ngenzeni, ngivele ngikuyeye kuhambe ngendlela engikwazi ngayo, ngakho lokho—yilokho kuphela.

³⁹ Ngakho manje, sifuna ukumemezela ukuthi kusasa ntambama, ukuthi, iNkosi ithanda, sinomhlangano wethu wokuvala. Ngijabule kakhulu ukuhlangana nomelusi lapha, kulobibusuku, enkonzweni ebisinayo ubusuku obuthathu, enhla eGrande Prairie, isikhathi esithandekayo kakhulu nalabobantu abangamaKristu abakahle lapho, futhi ngokufanayo, bejabulela inhlanguyelo lapha.

⁴⁰ Futhi ngamtshela, Chris, uma singalitholanga lelo bhere elimpunga, mhlawumbe ngibuya ngalekwindla bese

ngima phakathi futhi. Ngakho, futhi omunye ubengitshela, mflowethu, namhlanje ukuthi omunye wabacuphi, abafowethu abangamaNdiya, wayazi lapho okwakukhona khona omkhulukazi ononyawo olukhulu. Ngiyamangala ukuthi usayizi muni wesihlalo sehhashi abengasisebenzisa uma bengingasibeka kuye! Futhi ngakho mhlawumbe sizobuya simlandele, uma si . . .

⁴¹ Ngiyaphuma manje ukuyophumula. Ngi, ngibe nezinyanga eziyisithupha enkonzweni, futhi ngikhathele kakhulu futhi nginokwethuka, ngakho ningikhulekele. Uma ufunu ukukhulekela umuntu othile odinga umkhuleko, khona-ke ngikhulekele ukuthi . . .

⁴² Niyazi, uJesu wake wathi kubaphostoli baKhe, Wathi, "Wozani eceleni ningene ehlane futhi ake siphumule isikhashana, seninesikhathi eside kukho."

⁴³ Ngakho kusasa ntambama, silindele ukuba nomugqa womkhuleko nabantu onamakhadi omkhuleko avela . . . ngaphandle uma abanye babo, mhlampe, beshiyiwe kusukela izolo ebusuku. Angazi noma kukhona yini alikhiphayo kulobubusuku noma qha. Noma kunjalo, sizozama ukunaka kusasa ebusuku, noma, kusasa ntambama ukuba ngumugqa wokuphulukisa, lapho esiza khona futhi sikhulekele bonke abantu ofuna ukukhulekelwa.

⁴⁴ Ngakho, uma ungalitholanga ikhadi lomkhuleko izolo, noma-noma kulobubusuku, uma ekhipha noma yiliphi kulobubusuku, engingalazi, ngikhohliwe ukucela, futhi ngize kusasa (Iqala ngasikhathi sini inkonzo, Mfowethu na?), ngelesithathu nqo, khona-ke kungcono nibe lapha cishe ligamenxe elesibili ukuze singaphazamisi umhlangano, futhi noma ubani ofuna amakhadi omkhuleko angaba nawo futhi sizokhulekela wonke umuntu.

⁴⁵ Manje, futhi manje, ngethemba ukuthi nina zivakashi lapha edolobheni, ovela ngaphandle kwedolobha, kukhona amanye amabandla amahale lapha, abefundisi abamele lendawo lapha kulomhlangano, nibavakashele kusasa ngoSonto sikole.

⁴⁶ Bese kuthi-ke kusasa ntambama, lapho uSonto sikole usuphelile, khona-ke sizoba nenkonzo yethu lapha, ukuze a-abazalwane abaligugu abasivumele sibe nalendawo engcwele enhle ukuba sikhonze iNkosi yethu kuyo, banenkonzo bona uqobo kusasa ekuseni, bese kuthi-ke mina . . . mhlawumbe, kusasa kusihlwa, ngakho ngeke sibe nenkonzo lapha kusasa kusihlwa.

⁴⁷ Manje, ngithanda ukuninakisa nje emBhalweni lapha ofika engqondweni yami ukukhuluma ngakho imizuzwana embalwa, uma besingakubiza ngendikimba, ukudonsa kukho ingqikithi, yeVangeli likaMathewu oNgcwele, isahluko 4, ivesi 17:

Futhi *kusukela kulesosikhathi uJesu waqala ukushumayela, . . . ethi, Phendukani: ngokuba umbuso wezulu ususondele.*

⁴⁸ Futhi uma bengizofuna ukuyibiza ngendikimba, ukwakha ingqikithi encane ngakuyo, ukubona ukuthi uNkulunkulu uzoza yini eZwini laKhe futhi abusise izinhliziyo zethu, ngithanda ukuthatha indaba: *Kusukela Kuleso Sikhathi*, amagama amathathu: *Kusukela Kuleso Sikhathi*.

⁴⁹ Niyazi, lokho kunencazelo enkulu kukho kwabaningi bethu, futhi uma besingahlala phansi kulentambama futhi sicabange emuva, singaqala izinto eziningi ngesikhathi esithize okwaqala ngaso, “*Kusukela kulesosikhathi*.”

⁵⁰ Njengomntwana, singahle sithi, “*Kukhona okwenzekile*.” Mhlawumbe uma noma yimuphi wenu bafana o—obhemayo. . . Angikholwa ukuthi nina besifazane baseCanada beningazehlisa kangako ukuba nibheme osikilidi, kodwa si. . . bayakwenza ezansi eMelika nakanjalo, kodwa bengingecabange ukuthi beningenza into enjengaleyo.

⁵¹ Kodwa—kodwa abafana, ngenkathi bebhema, niyawukhumbula u—usikilidi wokuqala owawubhema na? Mhlawumbe wawenziwe ngosilika wommbila, noma sikubiza ngokuthi. . . Omunye umningizimu uhlekile. Kulungile. Yilokho ababeyokwenza ezansi eningizimu, abafana baqala ngosilika wommbila.

⁵² Kodwa ngenkathi ubhema lowosikilidi wokuqala, futhi wacabanga ukuthi umama uzowunuka emoyeni wakho, futhi wathatha okusanhlamvu kwekhofi futhi—futhi uyadla, walihlafuna ukuze uvimbele umama angalihogeli emoyeni wakho, wayesethi—ke, “Junior, kade ubhema na?” Kuyini na? Into yokuqala manje, ilambu elibomvu liqala ukubanika, “Mtshеле iqiniso. Ungahambi ngalendlela, mfana omncane, lokho kuyiphutha. Ungaqambi amanga.”

⁵³ “Qhabo, Memu, a—a—a—a—a—angizange ngibheme.” Nenhliziyo yakho encane yagijima ngempela. . . uphume uzizwa kabi ngempela. Khona—ke kwasekulula ngokuphindwe kabilo ukuqamba amanga ngesikhathi esilandelayo. *Kusukela kulesosikhathi*, waqala ukuqamba amanga. Niyabo?

⁵⁴ Futhi sinezinto ezelukene ezaqala “ngalesosikhathi,” umntwana, imikhuba eminingi empilweni esingayicabanga, “*kusukela kulesosikhathi*.”

⁵⁵ Owesifazane oziphethe kabi, angahle asukume ukuba afakaze futhi athi, “Ngake ngaba msulwa njengomnduze. Umama wami wangikhulisa ukuba ngibe yinenekazi, ubaba wami wayeyindoda emesabayo uNkulunkulu nomama wami, futhi. Bangifundisa ukuya kuSonto sikole nokwenza okwakulungile, nalokho ngakwenza, iminyaka neminyaka.

⁵⁶ “Futhi ekugcineni, ngesinye isikhathi kwakukhona insizwa ivakashela ibandla lethu, futhi ngaqaphela ukuthi ya—yayingafani nje nabafana ababesindisiwe, kodwa yayingumfo omncane obukeka kahle. Futhi ngazikhapha nayo, futhi yangincenga ukuba—ukuba ngithathe i—iCoke ngesinye isikhathi, futhi yayi, yayinokuthize kuyo, futhi ngenkathi ngiqonda nga—ngangingcolisiwe, futhi kusukela kulesosikhathi, ngaqala umgwaqo ongalungile.” Niyabo?

⁵⁷ “Kusukela kulesosikhathi, lokho kwakuqala. Singabuyela emuva futhi sithole isikhathi engezwa ngaso ukuthi amandla ami okuphila ayengasekho, futhi kwenza muphi umehluko manje na? Futhi ngakho, ngaqala nje ukugijima.” Niyabo, kusukela kulesosikhathi, kwenzeka ngesikhathi esithize.

⁵⁸ Indoda edakiwe, indoda ehlulwa wuphuzzo, lapha esikhathini esingeside esedlule, ngangise Dolobheni lase New York, ngokuba nje njalo ngenza lokho kube yindawo yokugxumagxuma. Futhi—futhi ngiya kuleyonkudla yezemidlalo lapho, lapho benza khona konke lokho kubambana ngezandla nokulwa, futhi siyayiqasha leyo, ngoba nginezinkulungwane zabangane e New York, futhi ngokuvamile bayigcwalisa phama ngomhlangano wobusuku obubili noma obuthathu, iSt. Nicholas Arena, kulapho-ke.

⁵⁹ Futhi uDkt. Berg nami singabangane abahle kakhulu, ngakho babenezimishini eziningana ezansi endaweni yompHEME ongenazindonga. Futhi ngathi, “Dkt. Berg,” ngangine... Ngangizama ukudlula ngaphandle kokuthatha umjovo womkhuhlane iyelo fiva ukuya e-Afrika, futhi abangivumelanga ukuba ngigibele indiza, ngakho-ke kwadingeka ngilinde izinsuku ezithi azibe mbili futhi ngehlele e Mbuthweni wamasosha asemanzini futhi ngithole umjovo weyelo fiva, bebengeke bangemukele, bekungeke kungivumele ngingene ezweni ngaphandle kwakho, ngakho nga—ngathi, “asehlele endaweni yompHEME ongenazindonga.”

⁶⁰ Futhi wathi, “Kuhle kakhulu, Mfowethu Branham.” Sahamba sehla saya endaweni yompHEME ongenazindonga futhi sehla, noma, saya endaweni yompHEME ongenazindonga, njalo, emotweni futhi sama futhi sehla. Futhi mhlasimbe abanangi benu kade besezansi ngasendaweni yompHEME ongenazindonga, ngaphansi kohlaka lokweseKela.

⁶¹ Futhi okwangibangela ukuba ngenze lokho, nganginowesifazane wase Sweden, ngiyalikhohlwa igama lakhe manje, ongewele omdala omesabayo uNkulunkulu owayengumngane ka Sophie u Washwoman. Futhi ubani ongafundanga ngo Sophie u Washwoman wase Chi-... wase New York na? Waholela ngisho imeya yedolobha ku Kristu.

⁶² Ngenkathi u-A. B. Simpson efa, izimbali ezi... babecabanga ukuthi babezobeka ezinye zezimbali ezivela ku-A. B. Simpson, emva kokuba esekhishiwe, babeneziningi kakhulu abakwazanga

ukuziyisa emathuneni, futhi bacabanga ukuthi babezothumela ezinye kuSophie omdala.

⁶³ Futhi lapho sebelungele ukushumayela umngcwabo wakhe, ubani ongenayo, kodwa imeya yedolobha futhi yahlala phansi, uMphathi wamaPhoyisa! Futhi bonke bafakaza, omunye komunye, ukuthi uSophie uWashwoman wayebaholele kanjani kuKristu.

⁶⁴ Nomlingani wakhe, ongowaseSweden, noma, owesifazane waseNorway, owayelapho ehlala ekhaya likaNkk. Brown, wayengitshela ngokuthi yena noSophie bayisebenza kanjani indawo yompHEME ongenazindonga, futhi kwaphakamissa umdlandla, ngangifuna ukwehla, ngibone ukuthi yayiyini indawo yompHEME ongenazindonga.

⁶⁵ Ngakho sehla ngomgwaqo, saya emishini encane, futhi wanethula kumelusi, wayesethi, “Mfowethu Branham, ungasikhulumela kulobubusuku na?”

⁶⁶ Ngathi, “Qhabo, ngi...Ngi—ngizolinda. Nginenkonzo enkuLu ezayo e-Afrika, lapho mhlawumbe nginekhulu namashumi amahlanu, abantu abayizinkulungwane ezingamakhulu amabili abalindile, ngakho kungcono ngiphumule.”

⁶⁷ Futhi wathi, ekhulumma ngabahlulwa uphuZO befa, wathi ngonyaka odlule, kusukela ngoSeptemba kwaze kwaba nguMashi, bakhiphe abafile abayikhulu namashumi ayisishiyagalombili ebandleni, owafa ngqo ngesikhathi senkonzo, yotshwala, futhi ba...isidakamizwa. Futhi ngacabanga, “Yini ekubangele na?”

⁶⁸ Ngakho sahamba saphumela emgwaqeni futhi kwakukhona amadoda edlule ekulimaleni, mayelana nesimilo esibi, asevle edlulile kulokho, abesifazane bebeyokhululeka ngokuphelele (ba—bangaphambili le kwalokho), ukwedlula lapho.

⁶⁹ Belele emigwaqeni, abanye babo belele emuva, nezingubo zabo zonke zingcolile, futhi, ngenxa yokungakwazi ukusukuma. Futhi—futhi o, isimo esinje pho! Kwakwesabeka.

⁷⁰ Futhi nakho kulele indoda izingalo zayo zibekwe ngemuva zancika esigxotsheni, nemilenze yayo ibekwe ngaphandle emgwaqeni, nezingubo zayo zazimanzi zonke, ngase ngithi, “Asimdonse simsuse emgwaqeni.”

Futhi uMfowethu Berg wathi, “Awu, mhlawumbe uyagingqika ahlelle.” Wathi, “Bayababhekisia ngapha.”

Ngakho ngathi, “O, leyondoda empofu!” Ngathi, “Yini eyibeke kulesosimo na?”

Wathi, “Yibuze.”

⁷¹ Ngakho ngaya ngale, futhi yayisihambe kakhulu. Ngehla ngomgwaqo kakhudlwana, futhi kwaku... ngenkathi ngehlela

lapho, ngahlangana nenyе indoda, yayimi lapho, incike esigxotsheni *kanje*, futhi yayidakiwe, ngase ngithi, “Sawubona, Mnumzane?”

Yathi, “Unganginika ikwata na?”

Ngathi, “Ubungafunani ngekwata, ndoda yami elungileyo na?”

Yathi, “Ngi—ngifuna ukuzithengela esinye isiphuzo.”

⁷² Ngathi, “Ngingumfundisi weVangeli. Imali enginayo ivela kokweshumi kubantu bakaNkulunkulu, ngakho-ke bengingekwazi ukukuni ka imali ukuba uphuze.” Ngathi, “Ngizokuthengela isemishi, inkomishi yekhofi, noma okuthize, kodwa bengi—ngingekwazi ukwenza lokho.”

Yathi, “Ungumfundisi na?”

Ngathi, “Yebo, mnumzane.”

Yathi, “Ungixolele, Mnumzane.”

Futhi ngathi, “Ngithanda ukukubuza, ndoda yami elungileyo, yini ebangele ukuba ube ngalendlela na?”

⁷³ Wathi, “Nginamahloni ukukutshela, kodwa uma ubungaphakamisa ikhanda lakho bese wenyukela esiqongweni salelo hlaka lokwesekela, ungawubona umnyango webhange engangingumongameli walo.”

“O,” ngathi, “impela akunjalo.”

Wathi, “Ngingu S’bani-bani.”

⁷⁴ Ngabuka ngale kuMfowethu Berg, wanqekuzisa ikhanda lakhe, lokho bekungaba njalo. Ngathi, “Indoda yezinga lakho, indoda ewuhlobo lwakho, uyolala lapha emgwaqeni, isidakwa esinjalo na?”

Yathi, “Mnumzane, ngake ngaba esaziwayo, isakhamuzi esihloniphekile.” Futhi yathi . . .

Ngathi, “Ngixoxele indaba yakho, emzuzwaneni nje,” Ngathi, “uma ungenankinga, futhi ungenandaba nami ukuba ngikuphinde epulpiti.”

⁷⁵ Yathi, “Impela ngeke.” Yathi, “Awu, nganginekhaya elithandekayo, abantwana ababili abakahle, ngoluny’usuku ngifikasi ekhaya, futhi ngangihlale ngimsola umkami,” kodwa yathi, “kwakukhonha incwadi ethi ‘John Othandekayo’ ibekwe etafuleni.” Yathi, “Angikaze ngiphuze empilweni yami, kodwa ngaphuma ngalobobusuku, futhi kusukela kulesosikhathi!”

⁷⁶ Nakho lapho okhona. “Kusukela kulesosikhathi.” Kwabangelwa yini na? Umkayo wayeyishiyele incwadi ukuthi wayeyishiya. Yayimthanda ngangokuthi, ukuthi yayingenakukumela ukuba ngaphandle kwakhe, ngakho yavele yacabanga nje ukuthi yayiyokona impilo yayo, noma

nje ikuphuze ikususe, ingenaso isibindi esenele sokuzibulala, ngakho nje yayikuthatha nje kancane kancane.

Manje, yileyondlela lezozinto ezenzeka ngayo. “Kusukela kulesosikhathi,” kuqala esikhathini esithize.

⁷⁷ Isikhathi esiningi kakhulu, abantu owenza okungalungile, ngoNyaka oMusha bayothi, “Awu, sizophenya ikhasi elisha manje. Sizoba kahle emva kwalobubusuku.” Futhi benzani na? Bavele baphenye ikhasi elisha ukuze bakwazi ukulibuyisela emuva ngosuku olulandelayo, zonke izifungo zabo zoNyaka oMusha ziyaphela. Lokho ngeke kusebenze.

⁷⁸ Esikhathini esithile esedlule, ngangiyongena e—ekamelweni labagula ngengqondo ngivela ehholo elikhulu, ukukhulekela abantu e...abanye babo begqoke amajakhethi abamba izingalo. Awu, bangaki...? Nimzwile uCharles Fuller, i *Old-Fashioned Revival Hour* e...awu, yilapho okwakukhona, iLong Beach. Sisanda kusuka lapho nje ezinsukwini ezimbalwa ezedlule, lapho iholo elikhulu elikhulu lalikhona. O, he, umhlangano onje pho esibe nawo!

⁷⁹ Futhi ngenkathi silapho ngaphambili, uMfowethu Fuller, umfowethu ongumKristu omangalisayo, wayephuma ngaleyontambama, futhi lapho edlula emsamo ephuma, nakho kuphuma isixuku sakhe, begqoke kahle, abantu abanobuhlakani, futhi wayenze ukubizela e-altare, nenenekazi elilodwa laliphakamise isandla salo ukuthi lalifuna ukwemukela uKristu, ngokumangalisayo, wabusisa izingane ezimbalwa, waphuma. Ongewelete omkhulu omdala nguCharles Fuller.

⁸⁰ Futhi ngaba nenhlanhla yokumxhawula, futhi indoda ekahle kakhlulu, kodwa ukwazi yena uqobo, ukusho ukuthi ngiyamazi, a—angimazi, nje ngiyamazi uku...nje...ukuxhawula isandla sakhe nje.

⁸¹ Kodwa ngaliqaphela iqembu lakhe liphuma ngaleyontambama. Neqembu lethu lalinda phandle ebhulohweni lezinyawo nokunye nokunye, yaze yakhishwa inkonzo yakhe. Futhi nakhu kungena iqembu lami: izihlalo ezinamasondo, izinduku zokuqhugela, amajakhethi abamba izingalo; lokho kwehluke kakhlulu.

⁸² Lapho ungama futhi ukhulume uhlobo oluthile lwesayense yezenkolo, akukho lutho olumelene noDkt. Fuller, indoda emesabayu uNkulunkulu, kodwa ukuba ume futhi ubatsheli ngoKristu ophilayo nozobasindisa, ubaphakamisise izandla zabo futhi bafake igama labo encwadini, leyo yinto eyodwa. Kodwa lapho ukukholwa kwakho kufanele kumelane nezihlalo ezinamasondo, nezinduku zokuqhugela, nezimpumputhe, izithulu, izimungulu, ukuhlanya, ukudazuluka, ubuhwanqa ebusweni babo, lokho kwehluke kakhlulu impela. Udeveli ehlezi ndawo zonke ukubona ukuthi likhona yini iphutha elilodwa kukho, ukuze akwazi ukuphosa ingubo yokulala phezu kwakho.

⁸³ Ngakho ngenkathi ngingena ekamelweni labagula ngengqondo, ngezinye izikhathi bayabakhipha, abakubiza ngokuphuthumayo, futhi angisoze ngakhohlwa, owesifazane osemusha omuhle wayehlezi lapho. Futhi lapho abanye babo, o, he! Ngithemba ukuthi lokhu akusiyo into embi, kodwa ngihambe ngangena ezindaweni futhi ngabona i (Kuyinto embi kabi, ubuhlanya.), ubone o—owesifazane osemusha esebezisa ipowa, bese egeza ubuso bakhe *kanjalo*, nge...o, nje... Abantu abathandekayo, kodwa lowo ngudeveli, lowo ngudeveli.

⁸⁴ Bengingakwenza kanjani... Ngibugwemile ubufakazi engibubonile, ukuya emihlanganweni phakathi kwenu, obekulokhu, awu, bekuyokwenza imiqulu yezincwadi. Kodwa ngiyakugwema ukukusho, ngoba benginga...a—angithandi ukukusho. UJesu wathi, “Qiniseka ukuthi akukho-muntu... ungakusho nje. Qhubeka nje, uNkulunkulu uzothola inkazimulo kukho.”

⁸⁵ Futhi angikholelwa ekukhangiseni okuningi, inqwaba yezinto, lokho kuyinto eyenziwe, ake, kuyeke kanjalo nje, yekela uNkulunkulu akunakekele, ngi—ngikuthanda kangcono lokho.

⁸⁶ Futhi ngakho, lelinenekazi eliselincane, lithi kimi, lathi, “Ingabe unguMfowethu Branham na?”

Ngase ngithi, “Nginguaye.”

Futhi lathi, “Awu, ungangithatha kuqala na?”

Futhi ngacabanga, “Ngani, awusiyi i...kuleligumbi labagula ngengqondo na?”

Lathi, “Yebo, ngifanele.”

⁸⁷ Ngase ngithi, “Awu, he!” Owesifazane omuhle kangaka, wayebukeka ethi akabe neminyaka engamashumi amabili ubudala. Kwakubukeka sengathi wayengenzela noma yimuphi umfundisi omncane igugu elincane, isithandwa esincane.

⁸⁸ Futhi ngianitshela bazalwane, njengoba sonke sazi, umfundisi noma kungesuye, akekho ongakududuza njengonkosikazi othandekayo, unkosikazi wangempela. Lapho ungena ukhathele futhi ukhandlekile, futhi omunye angahlala phansi futhi akubambe ngesandla futhi athi, “Ngiyaqonda, futhi ngiyazi ukuthi kul’khuni.” Kukhona okuthize ngakho. UNkulunkulu wayazi ukuthi Wayenzani ngenkathi Enika indoda unkosikazi.

⁸⁹ Ngase-ke ngicabanga, “Yeka igugu elincane ayeyoba yilo kunoma yimuphi umkamuntu.” Futhi ngathi, “Ngixoxele indaba yakho, Nenekazi.” Ngathi, “Akukho-muntu obonakala ephuthuma kukho khona manje. Kuthiwani ngakho na?”

Lathi, “Kuhle kakhulu.” Lathi, “Ngakhuliswa ekhaya lamaKristu eliqimile.”

“Yebo, Memu.”

⁹⁰ Futhi lathi, “Ngesinye isikhathi, ngaqala, ngokumelana nokwahlulela okungcono kwabazali bami, ngihamba nomfana owayephethe iflaski ephaketheni lakhe, futhi ngobunye ubusuku, wangincenga ukuba ngiphuze.” Futhi lathi, “Ekugcineni, ngiphuze leso siphuzo esisodwa, futhi bonke babengitshela ukuthi ngangiyimbali yasodongeni uma ngingakwenzanga *lokhu*, *lokho*, futhi into yokuqala uyazi, ngaba nomkhuba wokuphuza.” Lathi, “Ngase-ke ngiqala ubufebe basemphakathini.” Futhi lathi, “Mina...Bangithumela eGood Shepherd’s Home,” okuyisikhungo samaKatolika. Lathi, “Ngachitha isikhathi sami lapho, iminyaka emithathu noma emine, futhi ngaphenduka ngaba yiKatolika.”

⁹¹ Lathi, “Ngenkathi ngiphuma kulesisikhungo,” lathi, “khona-ke ngangiyiKatolika, ngaqala emuva ngqo ekuphuzeni nasekufebeni futhi. Umthetho wangicosha futhi wanginika iminyaka emine etilongweni labesifazane. Ngenkathi ngiphakathi lapho, ngachitha isikhathi kahle futhi ngaqhela ezintweni, ngoba ngangi, angikwazanga ukuthola izinto phakathi lapho ukuba ngiphuze, kanjalonjalo.”

⁹² Lathi, “Ngenkathi ngiphuma, akungisizanga nangokukodwa, Ngajoyina elinye ibandla, ngijoyine amabandla amabili noma amathathu.” Futhi lathi, “Manje, ekugcineni bathi ngiyahlanya.” Futhi lathi, “Bayangibheka nije.” Lathi, “Ngingu—udaba lwengqondo.”

⁹³ “Ngani,” ngathi, “impela awukhulumi njengodaba lwengqondo,” ngizama ukuthola umoya walo, niyabo, ukubona ukuthi laliyini...yini eyayingalungile, futhi nije angikwazanga ukukucosha, ngandlela thize. Futhi lathi...ngaqhubeuka nokuhulumma.

⁹⁴ Futhi ngathi, “Wake wacabanga ngokushada, futhi ube nonothando, umyeni onomusa, nezingane ezincane, njengaboo bonke omama bangempela belangazelela, noma, abesifazane bangempela bathanda ukuba nazo, abancane na?” Njengokuthi, ubona intombazanyana yakho iphusha inqola yengane yayo encane inonodoli omncane kuyo, futhi, niyazi, ngoba izoba ngumama, futhi; yingalesosizathu ifanele ibe ngumama kokuthize.

⁹⁵ Futhi lathi, “O, yebo, ngicabangile ngakho, Mfowethu Branham. Kodwa,” lathi, “ubani ongaba nami na?” Lathi, “Ngingayethembisani indoda na? Akukho ngisho nekhaya, angilungile.” Futhi lapho umuntu engabona ukuthile abalungile, khona-ke basesimwensi abangenziwa okuthile ngakho. Kodwa lapho ucabanga ukuthi uyisiqongo nije, ube ungelutho, khona-ke usudlule emathembeni.

⁹⁶ UJesu wathi eBhayibhelini lapho, “Uhamba-ze, owokuhawukelwa, olusizi, ophuphuthekile futhi kawazi.” Ungathini nije omunye emgwaqeni owayedabukile, elusizi,

ehamba-ze, futhi eyimpumputhe, futhi engakwazi na? Futhi wenyukela kubo uthi, “Uhamba-ze, Mnumzane.” “Uhamba-ze, Dadewethu. Woza fro-...”

“Vala umlomo wakho, ngizonakekela izindaba zami uqobo, wena nakekela ezakho.” Niyabo? Lapho u...Lolo udaba olungenathemba.

⁹⁷ Kodwa lapho unga...umuntu angasiqonda isimo sakhe, ukuthi akanaNkulunkulu, akanathemba, nezono zakhe azikho phansi kweGazi, futhi u-uyisoni esiya esihogweni sikadeveli, futhi akazi ukuthi wenza lokho, khona-ke usesimweni esidabukisayo.

⁹⁸ Ngakho lentombazane yayinokuthile owawungasebenzela kukho. Futhi ngi...Emva kokuba isikhulume imizuzwana embalwa, umbono washaya, futhi ngabona-ke lapho okwakukhona, futhi ngathi, “Nenekazi eliselincane, kuke kwafika yini kuwe ukuthi—ukuthi zonke lezizinto, lezinguquko, nokuphenya amakhasi, kanjalonjalo, bekuyinqubo nje yenkambiso, ekujoyineni ibandla elilodwa kuya kwelinye, nokwenza izifungo, kanjalonjalo na?”

Lathi, “Yebo, Mnumzane, kwenzekile.”

Futhi ngathi, “Sewake wacabanga ukuthi kwakungudeveli okwenza wenze lezozinto ongafuni ukuzenza na?”

Lathi, “Mnu. Branham, bengahlala njalo ngikukholwa lokho.” Lawo amakhulu, amehlo amnyama abanika.

⁹⁹ Ngase ngithi, “Yilokho okuyikho, Dadewethu. Ubungeke usayine izithembiso, noma ujoyine amabandla ngokwenele, uma ubunezincwadi eziphakeme njengesakhiwo, bekungeke neze kukusize nakancane, ngudeveli okuqhubela kulezozinto, ekwenza wenze izinto, isigqila sakhe.”

¹⁰⁰ Yileyondlela izidakwa, na—nabalutheki bakasikilidi, ne—nezimilo ezimbi, konke amandla kaSathane abambe ngqi abantu, futhi abakwazi ukukwephula. Kodwa Ukhona Ongawephula. A-hha.

¹⁰¹ Futhi ngathi, “Lapha enhliziyweni yakho, ungitshela ukuthi ungathanda ukushada futhi ube nomyeni.” Ngathi, “Uyintombazane enhle, ubungenza isithandwa sangempela somunye omncane, umshumayeli okhathele kaNkulunkulu.”

Wathi, “Bengingethembise umshumayeli, akekho omunye, akukho lutho kulesisimo, Mnu. Branham.”

¹⁰² Ngathi, “Kodwa kukhona engifuna ukukutshela khona, izono zakho zingahle zibemnyama futhi zibe nenkucunkuci njengesihogo, kodwa ngiyazi kukhona uMthombo ogcwaliswe ngeGazi, elidonswe emithanjeni ka-Emanuweli, lapho izoni zibhukuda ngaphansi kwethantala, zilahlekelwa yiwo onke amabala azo ecala. Kungakwenza ubemhlophe njengeqhwa.”

Lathi, “O, kubonakala sengathi kungaba yinganekwane nje, Mnu. Branham.” Lathi, “Ngifuna ukuba yilokho.”

Futhi ngathi, “Ungakhuleka kanye nami na?”

Futhi lathi, “Yebo, Mnumzane.”

¹⁰³ Ngakho laphenduka, laguqa phansi ngasesihlalweni lapho lalikhona, ngase ngiguqa ngakolunye uhlangothi. Ngathi, “Manje, khuleka.” Niyabo, lalikwazi ukuzikhulekela, ngakho ngathi, “Khuleka.” Futhi lakhuleka ngobuqotho ngempela. Futhi ngavele ngazibamba ngathula, ngizwa uma umoya usukile kulo.

¹⁰⁴ Kodwa emva kwesikhashana, lasukuma, laselithi, “Mnu. Branham, ngizothatha isandla sakho futhi ngikwenzele isithembiso ukuthi kusukela kulolusuku kuqhubeke, angisophinde ngibheme, angeke ngiphinde ngiphuze, noma ningaphinde ngidlale ingxene yeufifebe futhi.”

¹⁰⁵ Ngathi, “Ngiyakholwa, dadewethu, ukuhlosile lokho, kodwa akukapheli okwamanje. Wenze lokho izikhathi eziningi kakhulu, kodwa akukapheli nokho, kuzofanele kube khona okwenzekayo.”

Lathi, “Uqonde ukuthini, Mnu. Branham na?”

Ngathi, “Guqa phansi emuva futhi, futhi nje ulokhu ukhuleka.”

¹⁰⁶ Ngakho ngabeka isandla sami phezu kwehlombe lalo, futhi ngiqala ukukhuleka ngasengithi, “Nkosi Nkulunkulu, Wenza lona wesifazane ngalendlela, uyincekukazi, futhi ungowaKho...angaba yinceku yaKho futhi angaba ngunkosikazi kwenye indoda elungleyo. Ungowesifazane omuhle futhi Wena—Wena ungamsiza, Nkosi, nodeveli umbophile, ngiyakhuleka kuWe, Nkosi Nkulunkulu, menze amshiye.”

¹⁰⁷ Laqhubeka nokukhuleka, khona manjalo, liqala ukushintsha amanothi alo emkhulekweni walo, ngamany'amazwi, lashaya, labaleka ekhaya. Kukhona okwenzekile! Futhi laphenduka khona manjalo lase lingibuka, lawo amakhulu, amehlo agqolozelayo, njengeNgelosi ngaleyonkathi, nezinyembezi zehla ezihlathini zalo, lagxuma lema ngezinyawo zalo laselithi, “Mnumzane, angikaze ngizizwe ngalendlela empilweni yami yonke.”

Ngathi, “Manje sekuphelile.” Okuthile...

¹⁰⁸ Lokho sekucishe kube yiminyaka eyisithupha edlule, noma eyisikhombisa, lishadile manje futhi linabantwana ababili abahle. Niyabo? Laliyisifebe kwaze kwaba yilesosikhathi, lesosikhathi lapho uKristu ebambelela khona. Laliyintombazane enhle kwaze kwaba yilapho ububi bubamba, kusukela kulesosikhathi.

¹⁰⁹ Abaningu benu madoda phakathi lapha niyakhumbula kanye nami, ngangisengumfana nje ngalesosikhathi, ngenkathi iMpí yokuqala yoMhlaba yavalwa ngo 1919, cishe eminyakeni engamashumi amane nanye eyedlula, noma amashumi amane, yebo, cishe eminyakeni engamashumi amane nanye eyedlula. Ngenkathi iMpí yoMhlaba yokuqala...niyazikhumbula izinhloso ezinhle ababenazo na? Bathi, “Ngeke sisaba nempi, lokhu kuyakuxazulula. Thumelani abafana benu phesheya kwezilwandle, futhi sizonqoba i, lokhu futhi ngeke kusaba khona impi.”

¹¹⁰ Kodwa kwenzekani na? Enye iyafika. Benzani...? Phakathi kwalezozikhathi, bathola lokho okwakubizwa ngeNhlangano yeZizwe. Bathi, “O, kukhona esikuzuzile, sineNhlangano yeZizwe, bazoligada izwe.” Kodwa siza ngqo kwenye impi.

¹¹¹ Futhi manje sinalokho esikubiza nge-U.N. futhi idlala ingxenye efanayo. Kungani uCastro enza lokhu akwenzayo, uma kukhona umbutho wamaphoyisa ongakumisa na? Niyabo? Sicabanga ukuthi singenza lezizinto, kodwa singeke. Kukhona into ethize encane equalayo, futhi kusukela lapho iqala ukugingqika.

¹¹² Leyo yinto efanayo eqala ebandleni, ukuncenceza okuncane kuqala ebandleni, futhi kugingqika kukhuphuke kungene endaweni eyobhidliza ibandla futhi ilehlukanise. Yilokho okwahlakaza amaqembu amaPentecostal, yilokho okuwenza cishe abe ngamashumi amabili noma izinhlangano ezingamashumi amathathu ezelukene. Yilokho okwahlakaza amaLuthela. Futhi manje, siyizinhlangano ezelukene ezingamakhulu ayisishiyagalolunye nento, awo onke amabandla amaprotestane, yingoba okuthize okuthile okuncane kwaqala. Asifanele sehlukane, sifanele sibe yiBandla elilodwa, umzalwane oyedwa, ubuzalwane bunye, simi silinganisene ngamahlombe ngalezizinsuku.

¹¹³ Abashadikazi abasebasha bangahle basho lokhu: “UJohn nami sahambisana kahle kakhulu, kodwa ngoluny’usuku sangena engxabanweni, futhi kusukela kulesosikhathi kwaqhubeke saze sagcina sehlukanisile. Lapha nginabantwana, uJohn useshadile futhi.”

¹¹⁴ Noma, kungahle ukuba kwakungukuthi: “Ngaphila ngokweqiniso kuJohn ngakho konke engangingakwenza, kodwa othize, omncane, umdayisi onekhanda elisongekile uza emnyango ngelinye ilanga, futhi a—angazi ukuthi kwenzekani.”

¹¹⁵ Noma, angahle athi, “Ngangiqinisile kuMary ngakho konke, kodwa ngoluny’usuku ngangisesitolo esithize, nalentombazane yathi ukudlula futhi awu, kusukela kulesosikhathi.” Nakho lapho okhona, niyabo, kufanele kube nesikhathi sokuqala.

¹¹⁶ Awu, ngilokhu nginitshela ngezinto eziqala kabi futhi zigcine kabi, ngabe ikhona yini into engenzeka enePhakade

kuyo, into engahlala isikhathi eside, enhle na? Yebo, ngifuna ukusho ukuthi kukhona, futhi yilapho umuntu ehlangana khona noNkulunkulu, kusukela kulesosikhathi kuqhubeke uysidalwa esishintshile, akasafani neze.

¹¹⁷ Angikhathali ukuthi usezehlise kangakanani esonweni, angikhathali ukuthi owesifazane ubenesimilo esibi kanjani, noma ukuthi indoda ibephansi kangakanani, isinesikhathi eside kangakanani ingenaNkulunkulu, nokuthi yawedelela kangaki umusa waKhe, nokho, lapho ihlangana noNkulunkulu, kusukela kulesosikhathi iyindoda eguqukile, noma owesifazane oguqukile.

¹¹⁸ Ake sikhulume nje ngabalingiswa abambalwa abahlangana noNkulunkulu. Ake sicabange ngo-Abrahama, wayengumuntu ojwayelekile nje, wayengesuye noma yimuphi umuntu okhethekile. Awudingi ukuba ube ngumuntu okhethekile ukuhlangabezana noNkulunkulu, ufanele nje ube yilokho oyikho, bese-ke uhlangana noNkulunkulu.

¹¹⁹ Manje, u-Abrahama wayengesilo iJuda, u-Abrahama wayengoweZizwe ovela ezweni laseKaledi, umuzi wase-Uri. Futhi wayengumuntu ojwayelekile nje, ehamba ephumela e-emasimini, futhi mhlampe wehla evela—evela embhoshongweni waseBabele noyise.

¹²⁰ Futhi wayehlala ezweni laseShineyari, futhi—futhi mhlawumbe waphuma ekuseni futhi wakha amajikijolo futhi waba nalawo, futhi waphumela ehlathini futhi wabulala isilwane ukule athole amaprotheyni akhe nokunye nokunye, mhlampe waphila impilo ejwayelekile. Futhi wayeshade nodadewabo ingxenye, okwakunguSara. Futhi ngenkathi eseneminyaka engamashumi ayisithupha-nanhlanu ubudala futhi yena wayeneminyaka engamashumi ayisikhombisa-nanhlanu ubudala...

¹²¹ Nginomngani olungile lapha, angicabangi ukuthi ukhona esakhiweni kulobibusuku, ngimbheke ndawo zonke, ngiyayithanda indoda, lowo nguMilo Durney. Angicabangi ukuthi ulapha, omunye uthe ubelapha ngobunye ubusuku, kodwa uma elapha, uguqukile ngempela selokhu ngambona.

Mnu. Durney, uma ukhona, futhi ngingakuboni, ngixolele umzuzwana nje.

¹²² Ngiyamthanda uMnu. Durney, uyindoda yangempela. Nobungani esasinabo ngolunye usuku, lapho ngangiy... dubula ibhere phezulu esiqongweni sentaba. Futhi sasenyukela lapho ukucosha inyamazane enezimondo ezimagatsha uMfundisi ohloniphekile, uMnu. Rasmussen, enamazi kahle kakhulu nonke, wayene, ngikholwa ukuthi wayene...qhabo, uMnu. Baxter waye—wayebulale inyamazane enezimondo ezimagatsha, ne—nebhore lalisekuhlanzweni. Futhi sasi...

Ngangidubule ibhere, futhi wayengihleka, ngoba ngangilidubule kude kakhulu futhi ngalishaya kahle kakhulu.

¹²³ Kwase kuthi-ke emgwaqeni ezansi, saba nengxoxo emnandi ngempela. Futhi kukhona okuthize ngendoda e—e—e—engi—engiyithandayo. Futhi manje, ngiyaqonda ukuthi igula kakhulu, kakhulu. Futhi ngi—ngicabanga ukuthi ishayele ucingo i—indawo engihlala kuyo, namhlanje, noma omunye ubengitshela okuthize ngakho. Uma umazi, noma uma elapha: Ungehluleki Mnu. Durney, yiba lapha kulowomugqa womkhuleko, kusasa. Ungahle ukuba usuyaguga, yiinqiso lelo, kodwa uNkulunkulu uphilisa omdala, awugugi neze kakhulu.

¹²⁴ Ake sibuke u-Abrahama, wayengumuntu ojwayelekile nje njengawe, Mnu. Durney, ukuthi mhlawumbe wayeziphilisa ngaphandle emahlathini, kanjalonjalo, kodwa lapho eseneminyaka engamashumi ayisikhombisa-nanhlanu ubudala, UNkulunkulu wahlangana naye ngolunye usuku wayesethi, “Uzoba nengane ngomkakho uSara.” Futhi wayeseneminyaka cishe engamashumi amabili esedlule ukuya esikhathini, futhi wayehlale naye kusukela eseyintombazane encane, kwakungudadewabo ingxene, okungenakwenzeka.

Kodwa wenzani u-Abrahama, ngabe wathi, “Awu, manje, linda, sengimdala kakhulu”? Qhabo. IBhayibeli lathi akangabazanga ngesithembiso sikaNkulunkulu ngokungakholwa.

¹²⁵ Asivele nje...ku mi....Ngethemba ukuthi akuzwakali kungokuthuka okungcwele, kodwa ake sithathe nje inkulumo yabo encane yomndeni umzuzwana. Sengiyamuzwa engena, ethi, “Sara, S’tandwa, kukhona engifuna ukukutshela khona, UJehova ukhulume kimi phandle lapho, namhlanje, ensimini, futhi wathi sizoba nengane.” Yena enamashumi ayisithuphanhlanu yena enamashumi ayisikhombisa nanhlanu. Awu, sengathi ngiyabona emva kokuba ethatha uNkulunkulu eZwini laKhe, wehlela ezansi nedolobha futhi wathola ukuxoxisana, wayesethi, “Sara, thunga amabhuzu amancane manje, futhi ulungise zonke izinto ezincane, ngoba sizoba nengane.”

¹²⁶ Ungathini nje ikhehla nowesifazane onjalo, behlela kudokotela lapha eDawson, futhi bathi, “Dokotela, sifuna ukubhuka igumbi lasesibhedlela, ngoba masinya sizoba nengane endlini yethu, unkosikazi nami”?

¹²⁷ O, sengathi ngiyabona udokotela ubengathi, “Ikhehla elimpofu, lithi ukuthi ukuphambana kancane ekhanda lalo. Nje—nje liyekе kanjalo, a—alinangozi, angeke lilimaze lutho.” Kodwa ini na? Kwaku—kwakuyiqiniso likaNkulunkulu.

¹²⁸ Futhi izinsuku zokuqala ezingamashumi amabili—nesishiyagalombili zedlula, niyakhumbula manje, usethi akabe, eminyakeni eminingana esedlule ukuya esikhathini,

ngakho sengiyamuzwa u-Abrahama enyuka futhi ethi, “Sara, S’tandwa, uzizwa unjani na?”

“Akukho kwehluka.”

“Akabusiswe uNkulunkulu, sizoba nayo noma kanjani.”

Unyaka wedlula, “Sara, uzizwa unjani, S’tandwa na?”

“Akukho kwehluka.”

“Haleluya, sizoba nayo noma kanjani.”

Kwadlula iminyaka eyishumi, “Usenawo amabhuzu, S’tandwa na?”

“Yebo, abekwe khona *lapha*.”

“Akabongwe uNkulunkulu, sizoba nayo.”

“Wazi kanjani na?”

“UNkulunkulu washo njalo, lokho kuyakuxazulula. Ngihlangane noNkulunkulu, futhi ngiyamkholwa uNkulunkulu, lokho kuyakuxazulula.” Kusukela kulesosikhathi, u-Abrahama wayengumuntu oguqukile.

Futhi eminyakeni engamashumi amabili nanhlanu kamuva, wayesenekhulu naye wayenamashumi ayisishiyagalolunye, “Uzizwa unjani manje, S’tandwa na?”

“Akukho kwehluka.”

¹²⁹ “Udumo kuNkulunkulu, sizoba nayo noma kanjani. Isimangaliso esikhulu manje kunoma sasinjalo ekuqaleni, nje iminyaka engamashumi amabili nanhlanu.” Kodwa sizisho ukuthi siyiNzalo ka-Abrahama, futhi uma uNkulunkulu engasiphilisi khona manjalo, sithi, “Awu, ngikugejile ukuphulukiswa kwami.” Bese kuthi-ke sithi siyiNzalo ka-Abrahama na?

¹³⁰ INzalo ka-Abrahama ithatha uNkulunkulu eZwini laKhe futhi ibambelele kuLo. Bahlangabezana noNkulunkulu ngemibandela futhi bathi, “Nakhu, Baba, kuxazululiwe khona lapha, kulobubusuku.” Yileyondlela iNzalo ka-Abrahama yangempela! Akukho okungabusa kukho, akukho kulimala, akukho zinhlungu, akukho minjunju, akukho lutho olunye, akukho dokotela, akukho...izinkulungwane eziyishumi zingama ngale bese zithi, “Uyafa.” Wena uthi, “Akunjalo.” Niyabo? Bayenqaba. Bayenqaba ukuzwa noma yini enye, lapho uhangana noNkulunkulu.

¹³¹ Futhi ngezinye izikhathi lapho uhangana noNkulunkulu, kukwenza uziphathe inhlekisa ezweni elingaphandle. Ungathini nje u-Abrahama ephuma, efuna uku...etshela abantu ukuthi wayezoba nengane ngomkakhe na? Kodwa wadingeka azehlukanise nakho konke ukungakholwa.

¹³² Futhi yilokho uNkulunkulu akubizayo kuwo wonke owesilisa noma owesifazane. Lapho Ehangana nawe, futhi

akuthethelele izono zakho, futhi akubize ukuba ube yinceku yaKhe, Ulindele wena ukuba uzehlukanise nakho konke ukungakholwa, uzehlukanise nazo zonke izinto ezingamesabi uNkulunkulu, “Ningalibheki izwe. Phumanzi phakathi kwezwe, ningathinti izinto ezingcolile, futhi Ngiyakunamukela, isho iNKosi, futhi niyakuba ngamadodana namadodakazi aMi, futhi Ngibe nguNkulunkulu kini.”

¹³³ Ya, phuma phakathi kokungakholwa, zahlukanise. Ukwehlukana! UNkulunkulu ungumhlukanisi. Wabizela ngaphandle u-Israyeli, Wabizela abantu baKhe baphume, Ubiza abaKhe...Lona impela igama elithi *Bandla* lichaza ukuthi, “ababizelwe ngaphandle.”

¹³⁴ Manje, Ungumhlukanisi, uNkulunkulu akafuni abantwana baKhe baxutshwe nezwe noma izinto zezwe. Kodwa babenengane ngokufanayo nje.

¹³⁵ Manje, uMose, wayeyisiqhwaga esiyisihlakani. Wayefundiswe ngunina ukuthi wayezoba ngumkhululi, futhi wayazi ukuthi kwakusondela esikhathini uNkulunkulu ayethembise u-Abrahama ukuthi inzalo yakhe yayiyogogobala iminyaka engamakhulu amane ezweni labezizwe, yayizokhishwa ngesandla esinamandla.

¹³⁶ Futhi umama wakhe, mhlawumbe, wamtshela futhi wathi, “Mose, ngenkathi useyingane encane, uyihlo, u-Amramu, ngenkathi esebezena eziko lezitini, wayekhuleka njalo ebusuku, ubusuku bonke, ‘Nkulunkulu thumela umkhululi.’”

¹³⁷ “Ngobunye ubusuku, embonweni esitezi esiphezulu, wabona iNgelosi enkulu imi nenkemba futhi yakhomba enyakatho, yayisithi, ‘Sengilungele ukukhipha abantu.’ Futhi Ngakuthwala, Mose, khona impela ngaphansi kokusongelwa kukaFaro. Futhi ngakufihla exphaphozini, naphakathi ngqo kwezingwenya ezazikhuluphele phezu kwezingane zaseGibhithe, kodwa uNkulunkulu wakukhulula. Futhi wawungumntwana ofanele ngenkathi uzalwa, wazalelwaa ukuba ngumprofethi, Mose. Uyinceku kaNkulunkulu. Futhi-ke ukhuliswe lapha phansi kwesitebhisi somnyango kaFaro, unguFaro olandelayo, kodwa khumbula,” njengoba uJokebedi wayezomtshela, “khumbula imiyalo yeNkosi.”

¹³⁸ Khona-ke uMose wafunda futhi wayeyindoda enkulu yezempi, wayeyisiqhwaga esiyisihlakani. He, zinjani izihlakani! Wayekwazi, wayehlakaniphe kakhu, wayengafundisa abaseGibhithe ukuhlakanipha, kodwa-ke wazama ukukhulula abantwana ngendlela yakhe uqobo. Ungeke wakwenza lokho, ufanele ukhohlwe indlela yakho futhi uthathe indlela kaNkulunkulu.

¹³⁹ Yilokho engizama ukukusho kulobibusuku. Ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu akusekelwe phezu kokuthukuthele okuthile kwengondo, kanjalo akusekelwe phezu kwamafutha

athile aphuma ezandleni zomuny'umuntu, noma inkohliso ethize, Ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu kusekeleke phezu kweGazi likaJesu Kristu elichithiweyo, ukubuyisana. "Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu, nangemivimbo yaYo siphilisiwe thina." Ngakho kuphezu kokubuyisana.

¹⁴⁰ Futhi inqobo nje lapho sizama ukuzuza iBandla likaNkulunkulu ngempumelelo, sihamba ngokuphambene, ngokumelene nentando yaKhe, sifanele sivumele uMoya ungene ezimpilweni zethu, ungamele izimpilo zethu, siMvumele abe nendlela yaKhe ezinhliziyweni zethu.

¹⁴¹ Amabandla ethu amakhulu, anginalutho olulwa nawo, kodwa nokho, mfowethu, kukho konke, sisamdinga uNkulunkulu. Sinamabandla amahle kunawo onke esake saba nawo, abefundisi abakhulu kunabo bonke esesake sabaveza, iziqhwaga zemfundo, kodwa aphi amandla okuvuka kwaKhe na? Uphi lowoJesu owathi, "Imisebenzi engiyenzayo Mina, nani niyakuyenza"? Kuphi...? Bakuphi na?

¹⁴² Qaphelani, uMose khona-ke wazama phakathi kwakhe futhi wabulala umGibhithe. Futhi kwenzekani na? Ngenkathi ebulala umGibhithe, wesaba futhi wagijimela ogwadule, futhi wathola omuhle, owesifazane osemncane ongumTopiya phandle lapho, ogama linguZipora, futhi wamshada, futhi wazinza, futhi waba nomntwana, uGereshomu omncane, futhi mhlawumppe wayenelisekile impela, ngoba umhlambi kaJetro wezimvu, wayezodla ifa.

¹⁴³ Futhi wayesegugile, nombono wokukhululwa wonke wawususukile impela kuye, futhi wayenelisekile manje ukuba nje abe ngumelusi wezimvu ojwayelekile, futhi wayeseneminyaka engamashumi ayisishiyagalombili ubudala.

¹⁴⁴ Ngoluny'usuku kwingemuva logwadule, ehamba ehla ngenddlela yezinyawo endadlana, ejwayelekile, wahehwa, isihlahla sivutha. Futhi kusukela kulesosikhathi, uMose wayeyindoda ehlukile.

¹⁴⁵ Qaphelani, uNkulunkulu wathi, "Ngizokuthumela emuva ngqo ezansi eGibhithe. Buyela emuva phansi lapho o... Manje, ungarbuyeli emuva futhi uthole i—isiqu sobuciko. Ungehli futhi utadishe enye isayense ephathelene nengqondo. Ungehli futhi uthole iziqu zakho zobudokotela. Kodwa Ngikunika induku egwegwile, thatha lokhu bese ubatshela ukuthi NGINGUYE okuthumile." Kodwa, kwakuyini na?

¹⁴⁶ Ngosuku olulandelayo, efundile, indoda ehlakaniphe kunabo bonke ezweni, ukubona okuhlekisayo kakhulu: Yayinomkakhe ehlezi egxamalezele umnyuzi, nengane enqulwini yakhe *kanje*, nobuhwanqa obudala bubhebhezel, induku endala egwegwile esandleni sakhe, ehola umnyuzi, "Woza lapha, asihambe!"

"Uyaphi, Mose na?"

¹⁴⁷ “Ngehlela eGibhithe ukuyolidla.” Ukuhlasela kwendoda eyodwa, kodwa into yakho yayingukuthi, ukwenzile. Ngani na? Nakhu: Wayehlangane noNkulunkulu, futhi kusukela kulesosikhathi, wayengumuntu oguqukile. Leyo kwakuyinduku futhi yayizo... egqumeni kuthangi, kodwa ezandleni zomprofethi kaNkulunkulu ogcotshiwe, kuba yintonga yokwahlulela kaNkulunkulu eyashaya iGibhithe ngezinhlupho. Futhi kwakungukuhlasela komuntu oyedwa okwakhulula abantwana, ngoba wayehlangane noNkulunkulu. Wayengadingi butho, Wayedinga uNkulunkulu nje.

¹⁴⁸ Mangime lapha umzuzwana futhi ningixolele emlayezweni wami. Unakho okukhulu okunokwenzeka. Ningabantu abakahle, nina baseCanada basebukhosini, kodwa yinye into eniyidingayo, ngukuhlangana ndawonye nomhlangano kaNkulunkulu ngombhaphathizo kaMoya oNgcwele othululelw phezu kwamabandla enu lapha, khona-ke izinto ziokwenzeka.

¹⁴⁹ Ungokahle, owethembekile, kodwa udinga ukuhlangana noNkulunkulu kanye, khona-ke izinto ziyaguqlwa lapho uhangana noNkulunkulu. Yebo, kukwenza uziphathe inhlekissa, futhi ku-ku-kwenza izwe likuhleke, kodwa into yakho ingukuthi, uma, uNkulunkulu, uhangana naYe futhi Washo njalo, khona-ke ungakwenza. UNkulunkulu washo njalo, lokho kwakuxazulula.

¹⁵⁰ Intombi encane ngoluny’usuku, mhlawumbe yayinesikhathi esinzima, inenekazi elincane elihle, yazigcina ihlanzekile ezweni, futhi yayihlala edolobheni elidelele kakhulu kuneDawson Creek, yayihlala eNazaretha, kodwa yayihlosile enhliziyweni yayo ukuthi yayizokhonza uNkulunkulu. Futhi yayingowesifazane omncane nje ojwayelekile, yayihamba nendoda eyayingumfelokazi wabantwana abane, negama lakhe lalinguJosefa, futhi babehlela ukushada.

¹⁵¹ Futhi ngolunye usuku ngenkathi yayiphethe imbiza ekhanda layo, mhlampe iya emthonjeni wentombi, bawubiza ngokuthi, “Umthombo weNtombi,” futhi lapho yehla egqumeni ukuba ithole, mhlawumbe sithi kwakungoMsombuluko ekuseni, yayizothola amanzi ahlinzekwa nsuku zonke. Futhi labo besifazane bangathwala ujeke wamanzi ekhanda labo, owodwa enqulwini ngayinye, futhi nje bahambe bengaxhamazeli.

¹⁵² Futhi yayehla ukuyokha amanzi, futhi yayinojeke, mhlampe, ekhwapheni layo, futhi yayihamba icabanga ngomBhalo ukuthi mhlawumbe yayizwe uRabi, noma mhlawumbe yona noJosefa, bebuka egosini elingaphambili ngaphesheya kwegquma, lapho ababezoba nekhaya labo. Futhi wayengumbazi, futhi yonke iminyango yayifanele ilingane ngokuphelele, niyazi, nezinhlizyo ezincane odongeni, ngoba wayeyisa isithandwa

sakhe kulena, lena kwakuyindlu ekhethekile, yena nesithandwa sakhe wayezohlala kuyo.

¹⁵³ Futhi babefunda umBhalo ogoqwayo, futhi, egosini elingaphambili, noJosefa wafunda lomBhalo kuthangi: “Sizalelwe uMntswana, siphewe iNdodana. Futhi umbuso uyakuba semahlombe aKhe, neGama laKhe liyakuthiwa, ‘UMluleki, iNkosi yokuThula, uNkulunkulu onaMandla, uYise ongunaPhakade.’ NoMbuso waKhe awuyikuphela.”

Futhi mhlawumbe uMariya wathi, “Josefa, ungawufunda lowomBhalo futhi, S’thandwa na?” Futhi wawufunda futhi. “U-Isaya wayekhuluma ngobani lapho na?”

“O, akungabazeki uMesiya. Uzofika ngolunye usuku.”

¹⁵⁴ Futhi ngokusa okulandelayo emgwaqeni, encane nje, intombazanyana ejwayelekile cishe eniminyaka eyishumi nesishiyagalombili ubudala, ihamba ukuyokha amanzi ezansi emthonjeni, futhi endleleni yayo ngalokho kusa, mhlampe ibone u—ukubaneka kokuKhanya, futhi yathi, “Kufanele ukuthi bekuyilanga mhlawumbe,” likhuphuka ekuseni kwaseJudiya ekuseni, namazolo ebambe amakha phansi emhlabathini, kuhle kanjani!

¹⁵⁵ Ngicabanga ukuthi ukusa yisikhathi esihle kakhulu sosuku. Niyabo, onke amademoni ayeke ukugijima, no—noMoya oNgcwele... Ngicabanga ukuthi noma yimuphi umuntu oza epulpi ukuzoshumayela, ufanele ahlale ekuthulen kukaNkulunkulu, aphume njengephunga eliminandi, egcotshwe ngoMoya oNgcwele ukuba akhulume iZwi likaNkulunkulu. Phumanzi kusukela ekuseni, emva kobusuku, niphumele ekukhanyeni bukaMoya oNgcwele.

¹⁵⁶ Futhi ngiyambona lapho njengoba yena, e, wayehamba, ehamba, futhi khona manjalo, iNsika enkulu yokuKhanya yalenga phambi kwakhe, futhi ngaphansi kwaleNsika yokuKhanya kwakumi iNgelosi enkulu, uGabriyeli. Wathi, “Yethi, Mariya,” (“Yima,” ngamany’amazwi), “ubusisiwe wena esifazaneni, ngokuba ufumene umusa kuNkulunkulu.” Futhi wamtshela ngomzala wakhe u-Elizabeth, ukuthi yena ebudaleni bakhe wayekhulelw, futhi owake wabizwa engenymba uzoba nomntwana.

Futhi wathi, “Ufumene umusa kuNkulunkulu, futhi uNkulunkulu uzokunika iNgane, ungazi-ndoda.”

Wathi, “Ziyoba kanjani lezizinto na?”

Wathi, “UMoya oNgcwele uzokusibekela. Naleyonto eNgcwele, iyakuzalwa nguwe iyakuthiwa iNdodana kaNkulunkulu.”

¹⁵⁷ Qaphelani, uMariya, wayehlangane noNkulunkulu. Akalindanga aze athi, ngiyaxolisa, bodadewethu, kodwa akalindanga ukuba athi, “Linda ngize ngizwe ukuphila,

linda ngize ngiqiniseke, khona-ke ngizofakaza ngakho." Qhabo, akadingekanga ukuba alinde, wathatha uNkulunkulu eZwini laKhe. Wayehlangane noNkulunkulu, futhi masinyane uqala ukufakaza, "Ngizoba neNgane, ngingazi-ndoda." Yebo, mnumzane.

¹⁵⁸ Ngani na? Wayeqinisekile, wayehlangane noNkulunkulu, izinto zase zishintshile. Wayengenamahloni, wayefana nje njengoba wayephethi iNgane ezingalweni zakhe, ngoba uNkulunkulu washo njalo. O Nkulunkulu, nika iDawson Creek oMariya abanjalo.

¹⁵⁹ [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] "...ngemivimbo yaKhe ngiphilisiwe." Nganginenkathazo yesisu, noSathane wangitshela, wathi, wayelokhu engitshela, "Manje, awungcono namhlanje, uyazi, ungeke udle lutho." Bengingadla nje nomakanjani, futhi ngihlanze cishe emizuzwini emibili, ngidle okunye futhi ngibuye ngihlanze futhi ngibuye ngikudle futhi.

Futhi wathi, "Uyazi ukuthi wenza ihlazo nje."

¹⁶⁰ Ngathi, "Buka lapha, wena onamabatha omdala, uma ufuna ukungizwa ngifikaza, hlala ngapha. Kodwa uma ukhathala yikho, phuma, ngoba ngizofakaza inqobo nje uma nginokuphefumula emzimbeni wami. Ngizonika uNkulunkulu udumo ngokuvumela uJesu Kristu eze kulomhlabu ukuba angiphulukise, Ngikwemukela njengempahla yami siqu." Wangishiya. Impela, uyakhathala ukukuzwa ufakaza ngoJesu. Uzama ukukususa kukho, kodwa ungakwenzi, uhlanguane noNkulunkulu. UNkulunkulu ukhona, futhi uyazi ukuthi Ulapho, futhi nasi isithembiso saKhe sembulwa kuwe: "Ngemivimbo yaKhe, ngiphilisiwe," khona-ke into ethize iyenzeka.

¹⁶¹ Qaphelani, wenyuka ngqo wadabula ezintabeni. O, ngiyayibona leyontombi encane, ngiyaxolisa ngokuthatha isikhathi esingaka, Sengiyayibona leyontombi encane lapho ikhwela izintaba, niyazi, ubuso bayo obuncane bukhophozela nje. O, yayenyuka kanjani ngomgwaqo idumisa uNkulunkulu nje.

¹⁶² Futhi u-Elizabeth, niyazi, lowo kwakungumkaZakariya, wayethi akabe neminyaka engamashumi amahlanu-nanhlanu noma amashumi ayisithupha ubudala, kodwa babekhuleke impilo yabo yonke ukuba babe nendodana. Futhi umyeni wakhe wayengumpristi ethempelini, futhi ngenkathi ese, ngezinsuku zenkonzo yakhe yokuzulisa impepho ngenkathi abantu bekhuleka, UGabriyeli wafika kuye wathi yena...yena uz-...umkakhe wayezokhulelwa.

¹⁶³ Niyabona ukuthi hlobo luni lwamakhaya iziNgelosi eziza kuwo na? Ngamakhaya athemba uNkulunkulu. Kunjalo, kunjalo. Akunandaba ukuthi hlobo luni lwekhaya okungaba yiyo, inqobo nje uma wethemba uNkulunkulu, noma ngabe

ngelincane, ishede elithobekile, kumbe noma ngabe kukuphi, uma nje uzothemba uNkulunkulu, yilokho kuphela.

¹⁶⁴ Futhi sithola ukuthi u-Elizabethe wayesefihlile manje, izinyanga eziningana, wayezoba ngumama, kodwa wayekhathazekile. Futhi manje, niyazi, ngiyababona laba (Manenekazi, ngiyacela, bodadewethu, ngiyaxolisa ngokusho lokhu.), kodwa laba besifazane ozoba ngomama begqoke lamabhulukwe amasleksi phandle emgwaqeni, ngicabanga ukuthi kuyinto eyihlazo kakhulu esizwensi sesintu. Kuyadabukisa ukucabanga ukuthi babezokwenza lokho.

¹⁶⁵ O, kusobala, ngineqiniso ukuthi abakwenzi lokho ngaseDawson lapha, kodwa—kodwa bayakwenza ezansi eStates, kubi kabi. Bayangizona ngokukusho.

¹⁶⁶ Kodwa nokho, owesifazane washo kimi esikhathini esithize esedlule, wathi...Ngangibatshela ngokuggoka lezozingubo ezinesimilo esibi, ngathi, “UNkulunkulu uyokwenza uphendule ngokuphinga.”

Wathi, “A, ngaphingi.”

¹⁶⁷ Ngathi, “Kodwa uJesu wathi, ‘Yilowo nalowo obuka owesifazane amkhanuke, usephingile naye enhliziwени yakhe.’ Khona-ke ngenkathi lesosoni siphendula ngokuphinga, sakwenza nobani na? Ngoba uzethule ngaleyondlela.” Kunjalo, niyophendula ngoSuku lokwaHlulewa. Kunjalo impela.

Futhi wathi, “Awu, ngizokutshela nje khona manje,” wathi, “Angizigqoki izikhindi, ngi—ngi—ngigqoka amabhulukwe amasleksi.”

¹⁶⁸ Ngathi, “Lokho kubi kakhulu. IBhayibheli lathi kuyisinengiso emehlwani kaNkulunkulu ukuba owesifazane agqoke ingubo engeyowesilisa.” UNkulunkulu akaguquki. Kunjalo impela.

¹⁶⁹ Bengikhuluma kulokhu ukusa ngalo wesifazane, owesifazane onesimilo esibi, egeza izinyawo ezingcolile zikaJésus, ezesula ngezinwele zakhe. Abanye bodadewethu bePentecostal bafanele bame ngamakhanda abo ukuze bathole izinwele ezenele ukugeza izinyawo, bazinqume zonke. Niyabo? Kunjalo. Kwakuvame ukuba yiphutha kuwe ukuba ukwenze. Kusalokhu kuyiphutha kuwe ukuba ukwenze! IBhayibheli lifundisa ngokusobala, uma owesifazane egunda izinwele zakhe, umyeni wakhe unelungelo lokuhlukanisa naye, amlahle.

¹⁷⁰ Wathi uma egunda izinwele zakhe, uhlazisa ikhanda lakhe, umyeni wakhe, nowesifazane ohlazisayo akufanele kuhlalwe naye. Kungcono ngithule manje, ngizonitholela nina bashumayeli khona lapha...Nginitshele iqiniso kuphela. Nizobhekana nami ngakho ngoSuku lokwaHlulela, lowo nguISHO KANJE INKOSI, eZwini laKhe.

¹⁷¹ Inenekazi lathi, “Abakwenzi... Konke abakwenzayo yilezi zaseHollywood, izingubo ezibukeka zikhanukisa ngokocansi.”

Ngathi, “Basenayo imishini yokuthunga nezimpahla.” Unga—ungazami ukuzungeza lokho. Qhabo, mnumzane.

¹⁷² Sengiyambona... U-Elizabeth ehelezi emuva, ethunga, amabhuzu akhe amancane nezinto zengane ukuba ifike, futhi uphenya ikhethini, futhi uyabuka, futhi ubona uMariya, lentombazanyana enhle igijima nje ishesha ngakho konke.

¹⁷³ Ngalezozinsuku babethandana. O, uyasukuma, futhi ugijima ngokukhulu ukushesha, futhi udumela uMariya, futhi uyamgona, wayesethi, “O, S’tandwa, ngijabula kakhulu ukukubona.” Ngiyathanda ukubona abantu benza lokho, ngi—ngiyakholelw ekubeni ngabafowethu bangempela.

¹⁷⁴ Lapha esikhathini esithile esedlule, nganginomhlangano ezansi eFlorida, futhi ngehla, futhi babenethende phezulu emuva lapho kwenye indawo enkulu, futhi saba nomhlangano omkhulu, futhi kwakukhona cishe abantu abayizinkulungwane eziyisishiyagalombili noma eziyishumi bethamela umhlangano. Futhi enye yezimenenja yathi kimi, yathi, “Mfowethu Branham,” yathi, “iDuchess ufuna ukukubona.”

Ngathi, “Ubani na?”

Wathi, “IDuchess.”

Ngathi, “Yini leyo na?”

Wathi, “Owesifazane, iDuchess, ongumnikazi wayo yonke lempahla lapha itende lakho—lakho elihlezi phezu kwayo.”

Ngathi, “Awu manje, buka lapha kulabobantu abagulayo bandla ofuna ukungibona, futhi.”

“O,” kodwa wathi, “uyiDuchess.”

Ngathi, “Awu, lokho... ngabe lokho kumenza ehluke komunye umuntu na?” Niyabo? Hhayi nakancane.

¹⁷⁵ Niyazi, siphakamisa ikhala lethu futhi sengathi si... imvula, ibiyosiminzisa, futhi sicabange ukuthi singumuntu othize, futhi empeleni, sibiza kuphela amasenti angamashumi ayisishiyagalombili nane kumakhemikhali, yilokho kuphela. Ubeka idola elingamashumi amahlanu noma ijazi elenziwe ngesikhumba sesilwane iminki lamadola ayikhulu lizungeze amasenti angamashumi ayisishiyagalombili nane, uyawunakekela ngempela. Kodwa unomphefumulo obiza amazwe ayizinkulungwane eziyishumi, futhi uzohlohra noma yini phansi kuwo. Yebo.

¹⁷⁶ Mina, ngenkathi ngiphuma ethendeni ngalokho kuhlwa, kwakukhona omkhulukazi, owesifazane owondlekile emi lapho, enamagugu enele esandleni sakhe ukuxhasa isithunywa senkolo kashumi emhlabeni jikelele. Wathi, “Ingabe unguDokotela Branham na?”

Ngathi, “Qhabo, Memu.” Ngathi, “NginguMfowethu Branham.”

Wathi, “Ngithathekile.” Futhi wayenalesosandla esikhulu phezulu *lapha*.

¹⁷⁷ Ngathi, “Sehlisele lapha, ukuze ngizokwazi lapho sengikubona futhi,” *kanjalo*. Ngiyakuzonda ukubona noma ubani ebekwa phezu kwenja, anikuthandi na? Abakubiza ngokuthi, “inja.”

¹⁷⁸ Futhi wayenepheya lezibuko, wayezifake othini, ho... Niyazi, akekho ongabona phandle *kanjalo*, ebambe lezozibuko *kanjalo*, wabuka, wathi, “Ingabe unguDokotela Branham na?” Lokho nje, lokho ukuzama ukuba yinto ethize ongesiyo. Awunjalo!

¹⁷⁹ Njengoba uCongressman Upshaw wake wathi, “Ungeke waba yinto *ongeyiyo*.” Manje, lowo kwakuyindoda kakhongolose e-United States. Abanigi benu bayabazi ubufakazi bakhe. Bamletha eLos Angeles ngalesosikhathi, wayekade esesihlalweni esinamasondo iminyaka engamashumi ayisithupha-nesithupha, ngabona umbono weqa phezu kwakhe, ngase ngithi, “Mnumzane, uJesu Kristu uyakuphilisa.” Futhi wagijimela emsamo, ethinta izinyawo zakhe, emuva naphambili. UCongressman Upshaw, ongcwele omdala kaNkulunkulu othandekayo.

¹⁸⁰ Ngamazi uWinston Churchill, sengathi nje ngangazi omunye wabafowethu abangabefundisi nabo bonke, wahamba, wafakaza ngokuphulukiswa kwakhe kuye nakho konke lokhu. Futhi nje indoda endala ekhazimulayo, yavele yaya ekhaya ukuyohlangana noNkulunkulu cishe ineminyaka engamashumi ayisishiyagalolunye nento ubudala, unyaka noma emibili edlule.

¹⁸¹ Manje, ngenkathi...Ngolunye usuku ngangehla ngomgwaqo nomkami, futhi kwakukhona udade eza ehla ngomgwaqo, futhi sasihamba ngemoto, nalodade wathi, “Unjani, Dadewethu Branham na?”

Ngaqalaza, ngathi, “S’thandwa, lowo wesifazane ukhulume nawe.”

Wayesethi, “Ngikhulume naye.”

¹⁸² “Awu,” ngathi, “Ngiqinisekile ukuthi akakuzwanga,” ngathi, “ngoba angiqhelile ngefidzi ukusuka kuwe, futhi angikuzwanga. Ngakho-ke uzokuzwa kanjani phandle lapho amafidi angamashumi amabili emgwageni na?”

¹⁸³ Futhi wathi, “Ngamamathekile.” Okuncane okudadlana, ukusineka okuyisithutha! Ngiyakuthanda lokho okudala, okukhulu okudala, ukuxhawulana ngesandla siqine, “Beka phandle lapha,” niyazi, *kanjalo*. Anikuthandi na? Ngakho ninomuzwa kukho. Kunjalo.

¹⁸⁴ UPaul Rader washo ngesinye isikhathi, wathi wayehlezi etafuleni, yena nomkakhe bangena engxabanweni encane. Waqala ukuya emsebenzini, futhi wayehlale emanga emnyango, wathi, "Mncwa. Usale kahle, S'thandwa." Waqhubeka waphuma futhi walinda, lapho efika esangweni, wavalelisa ngesandla, futhi waqhubeka wehla ngomgwaqo.

¹⁸⁵ Wathi ngalokho kusa baba nengxabano, futhi ngakho, umndeni omncane wahlukana, futhi ngakho, wathi waqala ukwehla ngomgwaqo, wayesethi, "Uhambe kahle," wayesemvayisela esangweni, "Uhambe kahle." Futhi wathi wacabanga, "Ungowesifazane olungileyo ngempela, ukubake ubengafa na? Bengiyokwenzenjani na? Bengiyokwenzenjani ngaphandle kwakhe na?"

¹⁸⁶ Ngakho wathi waqala ukucabanga kakhulu ngakho futhi wacabanga, "Ngingahle ngife, futhi ngi—ngingefune... O, uyisithandwa!" Waphenduka ngokukhulu ukushesha, futhi wagijima wenyuka ngomgwaqo, wavula isango futhi wagijima wangena, wadluthula wavula umnyango, futhi akangambona ndawo. Uzwa into ethize ithi, "Hogela, hogela," futhi wabuka emi emva komnyango, futhi wayemi ebhekise ikhanda lakhe odongeni, ekhala.

Wavele wamphendula nje wayesemanga, wayesethi, "Usale kahle, S'thandwa."

Wathi, "Uhambe kahle."

Waphuma ngesango wayesejika, wathi, wabheka emuva, wayemi emnyango, wayesethi, "Usale kahle."

Wathi, "Uhambe kahle."

¹⁸⁷ Kodwa wathi, "Wavayizelisa njengoba nje enza okokuqala, kodwa," wathi, "okokugcina waba nomuzwa kukho." Ngakho lokho kuthi nje akube yindlela okungayo, si—si—sifanele sikulethe kusuka enhliziyweni yakho.

¹⁸⁸ Kungaleyondlela ngenkolo yethu, uma kungekho-muzwa kuyo wokukhonza ngokukaNkulunkulu kuKristu, ukuthi uyaMkhulwa ukuthi uyiNdodana kaNkulunkulu, ukuthi uMthanda ngayo yonke inhliziyo yakho, akunandaba ukuthi ungasicula kanjani isiVumokholo sabaPhostoli, noma iHubo lokubonga, ungahle—ungahle ukwazi ukucula njengenyonu enamaphimbo amanangi, kodwa uma ingenawo umuzwa kukho, uNkulunkulu angeke akuqaphele. Kunjalo. Ufanele ube nomuzwa wokukhonza uNkulunkulu enhliziyweni yakho.

¹⁸⁹ Ngakho ngiyabona ngenkathi u-Elizabeth ebamba uMariya, manje sengiyamuzwa ethi, "O, Mariya, ngani, umuhle kakhulu!"

"Awu, Elisabethe, awukashintshi nhlobo."

"Qhabo? Awu, ngiyabonga. Awu, e, Mariya, e, e, ngiqagele uzizwile izindaba na?"

“O, yebo, ngizizwile izindaba. Uzoba ngumama.”

“O, yebo. Yebo, kunjalo.”

Wathi, “Awu, uyazi, ngizoba ngumama, nami!”

“O, wena noJosefa senishadile vele na?”

“Qhabo, qhabo, asishadile.”

“O, ushada omu- . . . ushade omunye umuntu na?”

“Qhabo, angikashadi.”

“Futhi uzoba ngumama na?”

“Yebo. E-hhe.”

“Wazi kanjani?”

“UNkulunkulu washo njalo.” Yilokho-ke. A-hha. Yilokho-ke.

“Kuzoba yini na? Uzoba na Yo kanjani na?”

“UMoya oNgcwele uzongisibekela.” Futhi wathi, “Futhi wena na?”

¹⁹⁰ Wathi, “O, isivele inezine, noma, izinyanga eziyisithupha inami njengomama.” Manje, lalelani, lalelani udokotela wenu, manje ngingumfowenu. Manje, lokho kungaphansi kokwejwayelekile. Niyabo, ukuphila cishe sekunezinyanga ezintathu kuya kwezine. Wathi, “Sekunezinyanga eziyisithupha kimi, futhi aku—akukabi bikho ukuphila okwamanje.” Wathi, “Ngi—ngikhathazeke ngakho konke.”

Futhi wathi, “O, uMoya oNgcwele wangisibekela, futhi wathi ngangizozala iNdodana nami.”

“O, unjalo na?”

“Yebo.”

“O, Mariya, ngeke kube njalo.”

¹⁹¹ “Yebo.” Futhi wathi, “Bengiyozala iNdodana, futhi ngiyobiza iGama la Yo, ‘uJesu.’” Futhi wathi nje angasho ukuthi, “Jesu,” okokuqala ukuthi leloGama, uJesu, lake lakhulunywa ezindebeni zomuntu, ingane encane, uJohane, wemukela uMoya oNgcwele futhi waphila, futhi uqala ukugxuma ezizalweni zikanina ngenjabulo.

¹⁹² Uma iGama likaJesu Kristu liyokwenza ingane efile igxume ezizalweni zikanina, beLifanele lenzeni eBandleni elizelwe ngokusha na?

¹⁹³ Wathi, “Uvelaphi umama weNkosi yami na? Ngokuba kuthe nje ngingezwa ukubingelela kwakho ezindlebeni zami, umntwana wami waxhuma ngokujabula esizalweni.” O, he! Ini? UJohane wahlangana noNkulunkulu esizalweni sikanina, wayengumuntu oguqukile njalo.

¹⁹⁴ UJesu wathi, “Naphuma ukuyobonani na? Umhlanga ontengantengiswa ngumoya na? Hhayi uJohane.” Yathi, “Indoda

efulathele ukhololo wayo, futhi—futhi igqoke zonke lezizingubo ezinhle, umnumzane ohloniphekile wendwangu na?” Wathi, “Labo abanjalo banga izingane, futhi benze izinkulomo ezikoleni, futhi basezigidlweni zamakhosi.” Niyazi, isihlakan.

¹⁹⁵ Wathi, “Naya ukuyobonani na? Umprofethi na?” Wathi, “Odlula umprofethi, ngokuba lona nguye okwalotshwa ukuthi, ‘Ngiyakuthuma isithunywa saMi phambi kobuso baMi.’” Wathi, “Kubo bonke abake bazalwa ngowesifazane akukho-ndoda enku kunoJohane umBhaphathizi.” Yebo, mnumzane.

¹⁹⁶ Kwakuyini na? Wemukela uMoya oNgcwele esizalweni sikanina, wahlangana noNkulunkulu esizalweni sikanina. Wagquqlwa kweyakhe...ngaphambi kokuba azalwe, wagquqlwa.

¹⁹⁷ UPetru, umgxeki omncane, ngoluny’usuku, kumfowabo u-Andreya, waya esontweni, wenyukela ogwini lwaseGalile, wayekade edoba ngenetha ubusuku bonke, futhi wayenyukele lapho ukuyobona uJesu, wazitholela isigaxa sokhuni wayesehlala phansi. Ngiyacabanga lapho uJesu eyokhulum, uPetru wasondela eduze, noJesu wambuka wayesethi, “Igama lakho unguSimoni, uyindodana kaJona.” Futhi kusukela kulesosikhathi wayengumuntu oguqukile. Impela, wayehlangane noNkulunkulu.

¹⁹⁸ UPawulu, iJuda elincane elinekhala eliyihhuku, odinwa kalula nozigqajayo ngakho konke! O, ibandla elikhulu, babenze ukukhetha kwabo, uMathiya, impela. Waba nguye, benza unkatho, akazange enze lutho. Lokho kwakungukukhetha kwebandla.

¹⁹⁹ Kodwa uNkulunkulu wathatha iJuda elincane elalibhuqa ngakho konke, walibumba nje. Wahlangana naye emgwaqeni ngolunye usuku futhi wamshaya wasuka ehhashini lakhe eliphakeme futhi wazibhixa othulini. Kunjalo. Wathi, “Sawulu, Sawulu, uNgihluphelani na?”

Wathi, “Nkosi, UnguBani na?”

Wathi, “NginguJesu.” Buyela eNsikenyoMlilo futhi, niyabo. “Nginguye,” uJesu wathi, “Ngivela kuNkulunkulu, futhi Ngiya kuNkulunkulu.”

²⁰⁰ Manje, niyaqonda na? WayeyiNsika yoMlilo, iZwi-mcabango, noma yimuphi wenu bazalwane uyazi, owahola abantwana bakwa-Israyeli, iNgelosi yesivumelwano, yahola abantwana bakwa-Israyeli bedabula ehlane, lowo kwakunguKristu, oGcotshiweyo. Kwabonakaliswa phezu koMuntu, futhi ngenkathi Elapha emhlabeni, sibuka ukuthi Kwenzeni.

²⁰¹ Futhi masinyane Wathi, “Ngivela kuNkulunkulu, futhi Ngiya kuNkulunkulu.” Emva kokufa kwaKhe, ukumbelwa, nokuvuka, ukwenyuka kwaKhe, UPawulu wahlangana naYe

endleleni ebheke ezansi eDamaseku, futhi Wayeyini futhi na? Ebuyela eNsikeni yoMlilo. Kunjalo.

²⁰² Manje, uma leyoNsika yoMlilo iqinisisile, uma Ilapha, Izokwenza imisebenzi efanayo Ayenza, ngoba Iyimvelo efanayo. Niyabo?

²⁰³ Manje, siyaqaphela, futhi endleleni yakhe eyehlayo, wahlangana noJesu, wayeyindoda eguqukile. Kusukela ekubeni obhuqayo, umFarisi omncane kuze kube ngongcwele omesabayo uNkulunkulu, isithunywa eBandleni. UPawulu, umehluko onje pho owawukuye!

Impumputhe, uBartimewu, ehlezi ngasesangweni ngolunye usuku, ekhala. Isixuku sadlula, mhlawumbe abanye babo bamshaya bamlahla phansi, “Suka endleleni!”

Ngiyamuzwa umpristi ethi, “Awusho wena, waseGalile othiwa umProfethi!”

²⁰⁴ UZakewu omncane wayekade ehlezi esihlahleni ngaphambilini, niyazi, futhi wazifihla, wathi, “URebekha wangitshela ukuthi WayengumProfethi, kodwa niyakungabaza.” Wazifihla yonke indawo.

²⁰⁵ Nakhu kufika uJesu ekhoneni, wama ngqo phansi kwesihlahla lapho uZakewu ayekhona, wayesethi, “Zakewu, yehla, Ngiya ekhaya nawe siyodla idina.” Mm! Wayazi khona lapho ayekhona futhi wayazi ukuthi igama lakhe lalingubani, impela. UsenguJesu, ungahlangana naYe kulobubusuku, ngokufanayo nje njengoba uhlangane naYe, e, wahlangana naYe ngaleyonkathi.

²⁰⁶ Ngenkathi Ephuma ngesango eJerusalema, waqala ngenye indlela, kwenzekani na? Kwakukhona uBartimewu oyimpumputhe omdala emi esangweni.

²⁰⁷ UZakewu wayeyindoda eguqukile, wayefuna ukubuyisela kubo bonke ububi ayebenzile, wahlangana noNkulunkulu.

²⁰⁸ Lapho, ngenkathi Ephuma esangweni, kwakukhona impumputhe ihlezi lapho. Ngiyamuzwa umpristi, inhloko yenhangano yabefundisi ithi, “A! Phuma lapha, wena luhlanya. Bangitshela ukuthi uvusa abafileyo, sinamathuna agcwele bona phezulu lapha, yenyuka futhi uvuse abanye babo.” Niyabo, kodwa uNkulunkulu akabahlekisi abantu.

²⁰⁹ UJesu wenza nje, njengoba Asho, njengoba uBaba aMkhombisa, UJohane oNgcwele 5:19 wathi, “Ngiqinisisile, ngiqinisisile, Ngithi kini, iNdodana ingenze lutho ngokwaYo, kodwa lokho Ebona uYise ekwenza, lokho iNdodana iyakwenza.”

²¹⁰ Futhi sengiyamcabanga uBartimewu wathola ukuthikamezeka kancanyana, wayesethi, “Ngubani odlulayo na?”

Futhi, “O, thula du.”

Uma uhamba umaka indawo, kwakungamayadi cishe angamakhulu amabili ukusuka kuYe. “Umayelana nani wonke lo msindo na?”

²¹¹ Kukhona into exakile, yonke indawo lapho uJesu ekhona, kunenqwaba yomsindo. Lapho uNkulunkulu ekhona, kwenza inqwaba yomsindo, angazi ukuthi kungani kunjalo, kodwa bayakwenza. Noma yini engenamsindo, engenamadlingozi ifile, lokho kungokwesayense. Uma inkolo yakho ingenawo amadlingozi amancane kuyo, kungcono uyingcwabe, kunjalo, ngoba ifile ngempela.

²¹² Qaphelani, khona-ke sithola ukuthi Yena, lapho Edlula, lokhu, wathi... Omunye wesifazane osemusha ngahle ukuba wenyuka wayesethi, “Mfo omdala, ngabe bakuphushele ngale na? Ini...?”

“Nkosazana, ngicela ungitshеле, wonke umsindo umayelana nani na?”

“O, u—umProfethi uyedlula, umProfethi waseGalile, uJesu waseNazaretha. Awukaze uzwe ngaYe na?”

“Qha.”

“O! UngumJuda awusiyе na?”

²¹³ “Yebo, ngingumJuda. Awu, umama wami wayevame ukungitshela, ngenkathi ngsengumfanyana owayekwazi ukubona, ngenkathi ngidlala kulamagquma aseJudiya, ngaseJordani lapha, wayevame ukungitshela ukuthi kuyofika uMesiya ngesinye isikhathi, Uyoba ngumProfethi uMose akhulumna ngaye.”

“O, kunjalo, *Lowo* nguYe.”

“Awu, uma EngumProfethi... O Jesu, Wena Ndodana kaDavide, ngihawukele!”

Manje, konke lokho kubhonga, nokuqhubeke, nokuhlekisa ngaYe, nabanye beMjikijela ngesithelo esivuthwe ngokweqile, nabanye bethi, “Yethi mProfethi!”

Omunye wathi, “Akasuke umzenzisi!”

²¹⁴ Akazange akuzwe, kodwa Wazizwela khona. Futhi kwesaKhe... Wayenezono zezwe emahlombe aKhe, eya eKalvari ukuyobethelwa, kodwa ukukholwa kwesinxibi esisodwa esiyimpumputhe kwaMmisa emzileni waKhe. Lowo nguNkulunkulu.

²¹⁵ Wama. Njengoba nje owesifazane athinta ingubo yaKhe, uBartimewu wayeyithintile. Wathi, “Ukukholwa kwakho kukusindisile.” Yena... Kusukela kulesosikhathi, wayekwazi ukubona. Ngani na? Wayehlangane noNkulunkulu; ukukholwa kwakhe kwakumise uNkulunkulu!

²¹⁶ Uma uphuphuthekile kulobubusuku, uphuphutheke ngokomoya, ukukholwa kwakho kungaMmisa. Uma uzibuba ukuthi yini indaba ngabantu lapho behkala futhi behkonza uNkulunkulu, ucabanga ukuthi kukhona okungalungile ngokwengqondo ngabo, ukukholwa kwakho kungaMmisa futhi uzoba ngumuntu oguqukile kusukela ngaleyonkathi kuqhubeke, kunjalo. Ukukholwa kwakho kungaMmisa, impela.

²¹⁷ Uhlanya eGadara ngesinye isikhathi, lwabaleka, uhlanya olwalunamandla. Inqwaba yabantu ibiza leyondoda. Niyabona ukuthi yayiyini, yayiluhlanya. Abanye abantu bathi, “O, iyindoda, buka imisipha enayo.” Leyo akusiyo *indoda*, leyo yisilwane esinesihluku. Ngiwabonile amadoda anesisindo esingamaphawondi angamakhulu amabili, ayengenalo ngisho i-awunsi *lendoda* kuwo. Indoda ayikalwa ngemisipha yayo, ikwalwa ngesimilo sayo.

²¹⁸ Ngibone indoda enesisindo esingamaphawondi angamakhulu amabili, iphosa ingane iphume ezingalwemi zikamama futhi imdlwengule. Ungakubiza lokho ngendoda na? Leyo akusiyo *indoda*, leyo yisilwane esinonya.

²¹⁹ Loluhlanya lwalungaggabula amaketango. Babengeke—babengeke baluthambise. Lwalufuna ukuhlala emathuneni. Lugqashule amaketango, cabanga nje, ngoba udeveli wayenokulawula okuphelele kulo. Lwalunamandla amakhulu ngoba udeveli wayenokulawula.

²²⁰ Uma udeveli elawula indoda, engayinika amandla amakhulu, ibingenzani lapho uNkulunkulu ethatha ukulawula na? Izinyonga zingahamba, izimpumputhe ziyabona, isomi singenziwa-mhlophe. Amaphutha ayolungiswa lapho indoda ihlangana noNkulunkulu. Ngenkathi lolohlanya luhlangana noNkulunkulu, lwaluyindoda eguqukile kusukela ngaleyonkathi kuqhubeke.

²²¹ Owesifazane emthonjeni, isifebe, njengoba sikhulume ngaye ebusukwini obumbalwa obedlule, ngenkathi ehlangana noNkulunkulu lapho emthonjeni, wayengazi ukuthi WayenguBani, WayenguMuntu nje. Kodwa Wambuka wayesethi, “Ngiphuzise.”

Futhi wathi, “Awunalutho ongakha ngalo,” kanjalonjalo, ingxoxo yaqhubeka.

Emva kwasikhashana Wathi, “Hamba, ulande indoda yakho, uze lapha.”

Wathi, “Anginandoda.”

Wathi, “Usho kahle. Ubunayisihihanu, nale ohlala nayo manje ayisiyo indoda yakho.”

Wathi, “Nkosi, ngiyabona ukuthi UngumProfethi wena. Siyazi lapho uMesiya efika, Uyositshela zonke lezizinto.”

Wathi, "NginguYe okhuluma kuwe." Wayengowesifazane oguqukile, wahlangana noNkulunkulu.

²²² Wenzani na? Wayehlala ngasemthonjeni, hhayi umthombo kaJakobe, kodwa umthombo emphefumulweni wakhe ukuthi angagijimela emgwaqeni, nakuba wayenesono, wagijimela emgwaqeni wayesethi, "Wozani, nibone uMuntu Ongitshele izinto engizenzile. Akusiye yini uKristu Lona na?"

²²³ Okunye futhi ukuphawula engingahle ngikwenze, yilokhu: Uyazi ukuthini? Ukufa kwahlangana noNkulunkulu ngesinye isikhathi. Benikwazi lokho na? Ukufa njalo . . .

²²⁴ Udeveli akazange akholwe, waze Wafa, ukuthi Leyo kwakuyiNdodana kaNkulunkulu. WaYibamba phezulu entaben iZila ukudla, futhi wathi, "Uma uyiNdodana kaNkulunkulu, thatha lamatshe wenze izinkwa ngawo." Niyabo? Lowodeveli ofanayo uyaphila namhlanje.

²²⁵ Wena uthi, "Uma lezi . . . ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu kulungile, kuthiwani ngoMnu. Jones omdala ezansi lapha, othengisa amaphepha na? Lendoda endala esesihlalweni esinamasondo, hamba uyiphulukise." Niyambona lowodeveli na?

Ngenkathi Isesiphambanweni, wathi, "Uma uyiNdodana kaNkulunkulu, yehla futhi sizokukholwa." Niyabo?

²²⁶ Bukani, ngenkathi bebeka indwangu endala engcolile, lesosikhwehlela esidakiwe samassosa, ehahazisa umphimbo futhi ephimisela ebusweni baYo obuyigugu, futhi ehluthula intshebe ebusweni baYo, beYishaya ukusuka kolunye uLangothi kuya kolunye, base-ke bebeka indwangu endala engcolile ekhanda laYo futhi benza ukuthethwa kwecala okuyinhlekissa, baYishaya ekhanda ngenduku futhi bathi, "Manje, uma ungumprofethi, sitshele ukuthi u—ungubani . . . ukuthi ubani okushayile futhi sizokukholwa."

Yayingakwenza, kodwa Yathi, "Ngenza njengoba nje uBaba eNgibonisa."

²²⁷ Kwakuyini na? Yayikholwa njalo ukuthi U . . . USathane wayengasho kanjani ukuthi lowoMuntu wayengaba nguNkulunkulu na? INdoda eyayingathatha inselelo yompristi, futhi ivumele isosha elidakiwe liyiphimisele ebusweni baYo!

²²⁸ Namhlanje sinomqondo ongalungile wamandla. Amandla ayanqoba, ebuyisela okuhle ngokubi, lawo ngamandla angempela. Ongathanda isitha sakho, wenze okuhle kulabu abenza okubi kuwe, lawo ngamandla angempela, lawo ngamandla kaNkulunkulu. Yebo.

Izhnlanya zingaqashula amaketango, kodwa kuthatha indoda yangempela ukuba ibuyisele okuhle ngokubi, enhliziyweni yayo, hhayi ngenxa yomsebenzi wenkolo, kodwa ngokusuka enhliziyweni yayo.

²²⁹ Qaphelani, sengivala, udeveli wathi, “Leyo akusyo iNdodana kaNkulunkulu. Yayingekwazi ukuma futhi ivumele leso sikhwehlela silenga ebusweni bayo. Futhi izikhathi eziningi njengoba ezishilo lezizinto kanjalonjalo, futhi yabikezelza izinto, futhi bayimukula ekhanda ngomhlanga, yayizofakazisa ukuthi yayiyiNdodana kaNkulunkulu; ayisiyo iNdodana kaNkulunkulu.”

²³⁰ Ngakho sengivala, ake sithathe uhambo oluncane, uhambo lwengqondo, manje, lalelisansi, asibuye eJerusalem, eminyakeni engamakhulu ayishumi nesishiyagalolunye eyedlula. Kwakungokuxakile, ukusa okuyinqaba, kwakungakaze kubekhona ukusa njengalokho kusa, ilanga liyaphuma, kodwa kwakubukeka sengathi, kuxakile impela, kukhona okwakuqhube ka okungalungle. Cishe ngehora lesishiyagalolunye nqo, simi ekamelweni, ngizwa isixuku simemeza kakhulu, abanye bethi, “Akahambe!”

²³¹ Ngibona owesifazane omncane ephuma egijima phambi kwesixku futhi ethi, “Wenzeni na? Ngitsheleni! Wenzeni na? Uphulukise abagulayo benu kuphela futhi waletha amathemba kwabangenathemba. Wenzeni ukuba afanelwe yilokhu na?” Ukhulumha ngobani na?

²³² Ngibheka ngemuva, ngizwa into ethize ithi, “*Bhampa, bhampa, bhampa.*” Nasi isiphambano esidala siza, sihuduleka sehla ngomgwaqo, iGazi lihuduleka liphuma nje, isiphambano sihudula amanyathelo aKhe anegazi, siza sehla ngomgwaqo. Isikhwehlela silenga ebusweni baKhe, iGazi nesikhwehlela kuxutshwe ndawonye, izinyembezi nokungcola kugijima ndawonye, umqhele wameva udonselwe phansi phezu kwekhanda laKhe eliyigugu. “*Bhampa, bhampa.*”

Udeveli ehambahamba ethi, “Manje, ukuba ubeyiNdodana kaNkulunkulu, ubengeke abekezelele into enjengaley.”

²³³ Emva kwesikhashana umzimba waKhe omncane obuthakathaka wawa, babeka isiphambano phezu komTopiya. Nangu Enyuka igquma, bukani, ngiyaqaphela Ugqoke ingubo emhlophe, kodwa kukhona amabala abomvu kuyo yonke leyongubo emhlophe. Ayini na? Lapho Enyuka igquma, aya ngokuba makhulu, makhudlwana, makhudlwana, makhudlwana, emva kwesikhashana onke agijimela kwelilodwa elikhulukazi, ukuchaphazeka kwegazi, lishaya imilenze yaKhe; Uya eKalvari.

²³⁴ Ngibona uSathane ethi, “Woza, Kufa, sesimtholile manje. Woza, ngiyakuyala, Kufa,” kwasho uSathane. “Nginokulawula kwakho, uyazi. Mtinyele, ngoba akalutho kodwa umuntu, ungumuntu nje. Ubengeke akubekezelele lokho.” Sengiyayibona leyonyosi iza ngapha, iMzungeza, ukufa, udosi lokufa.

²³⁵ Kodwa niyazi, isinambuzane esinesitinyeli, inyosi, uma leyonyosi ike yathola ukuthi lesositinyeli sicwiliswe sajula

ngempela, ayisophinde itinyele, ngoba idonsa isitinyeli siphume. Mfowethu, yilapho inyosi yokufa yenza khona iphutha, ngenkathi itinyela lowomzimba oyigugu, Wadonsa udosi kuyo.

²³⁶ Manje, ekholweni, njengo Pawulu wasendulo, ngenkathi bakha i—iblokwe ukunquma ikhanda lakhe, futhi inyosi iqala ukubububa imzungezile, ukufa, wathi, “O Kufa, luphi udosi lwakho na? Thuna, kuphi ukunqoba kwakho na? Kodwa makabongwe uNkulunkulu, Osinika ukunqoba ngeNkosi yethu uJesu Kristu.”

²³⁷ Kwakuyin na? Ukuifa kwahlangana noNkulunkulu, futhi kusukela lapho kuqhubeke, ukuifa akusenalo udosi, kungabhuza futhi kwenze umsindo, kodwa ngeke kwasesabisa, ngoba ngingabuka emuva ngaleya bese ngithi, “Wagxilisa okwehangelo lodosi enyameni ka-Emanuweli, ngakho ngakho-ke, kukhona uMthombo ogewaliswe ngeGazi, elimuncwe emithanjeni ka-Emanuweli, lapho izoni zibhukuda khona ngaphansi kwethantala, lilahlekelwa yilo lonke ibala lazo lecalal. Futhi ukuifa okudala kusenalo olunye udosi.” Uyakukholwa lokho na?

²³⁸ Ungahlangabezana *nalokhu*, ungahlangabezana nenhlanhla yakho, ungahlangana nomata wempiro yakho, ungahlangabezana nezikweletu zakho, ungahlangana nesitha sakho, ungahlangabezana nazo zonke lezizinto, akunancazelo kakhulu impela kuyo, kodwa ngesinye isikhathi lapho uhhlangana noNkulunkulu, uguqulwa iPakade.

Asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje, sisakhuleka.

²³⁹ Ngizonibuza umbuzo oqotho, ngazi ukuthi singahle singaphinde sibonane, wena nami, emhlabeni futhi. Kusasa ntambama kunikeliwe, kakhulukazi, nje ukukhulekela abagulayo, kodwa ngiyamangala, kulobibusuku, uma kukhona umuntu kulendlu ongakaze ahlangane ngempela noNkulunkulu.

²⁴⁰ O, ulifundile iBhayibheli laKhe, futhi wenze ukuvuma, bese ufaka igama lakho ezincwadini noma into efana naleyo, bese ujoyina ibandla elilodwa kwelinye, kodwa, ngempela, awukaze uhhlangane noNkulunkulu, kodwa ungathanda ukuhlangana naYe.

²⁴¹ Nawo onke amakhanda ekhotheme nawo onke amehlo evaliwe, angazi noma ungasiphakamisa nje isandla sakho, futhi ngalokhu uthi, “Mfowethu Branham, ngikhumbule emkhulekweni, ukuthi ngizohlangana noNkulunkulu ekuthethelweni kwezono zami ngaphambi kokuba ngidingeke ngihlangane naYe ekwaHlulelwensi.”

²⁴² [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] “...Bengifuna noma yini...uma bengifuna ukulungisana noNkulunkulu,” wathi, “Benginga, uyazi ukuthi bengiyokwenzenjani na? Ngiyothola omunye umuntu onomqondo othize ozokhulumna nami.”

Ngathi, “Ngithethelele-ke, Nenekazi, ngizizwe ngiholeleka nje, mina, ngibambe ukuholo kwami, njengoba nje ngizwa ngiholeleka ukuba ngibambe lokhu kubizela e-altare.”

²⁴³ Cishe eminyakeni emibili kusukela ngaleyonkathi, ngibuyela edolobheni elifanayo, laliyintombazane enegama elihle, intombazane enhle, lalehla ngomgwaqo, iziketi zalo zangaphansi zilenga, futhi ngacabanga, “Impela, lokho ngeke kwaba yintombazane efanayo.”

Ngahamba ngasondela, futhi laphenduka, lathi, “Halo, Mshumayeli.”

Ngathi, “O, qhabo!”

Lahleka, lafaka isandla ephaketheni lalo, lase lithi, “Unosikilidi?”

Ngathi, “Awunamahloni ngawe na?”

Lathi, “Kuthiwani ngokuphuza ebhodleleni lami na?”

Futhi ngathi, “Awunamahloni ukunginika, umfundisi, isiphuzo sikagologo wakho na?”

Lathi, “Kukhona engifuna ukukutshela khona ngaphambi kokuba uhambe.”

²⁴⁴ Manje, lalelani lokhu, nisakhothamise ikhanda lenu, nikhuleka, lathi, “Mnu. Branham, uyakhumbula ngalobobusuku owakhulumu ngabo kimi ngomphefumulo wami na?”

Ngathi, “Ngiyohlala ngikhumbula, Girlie.”

²⁴⁵ Lathi, “Wawuqinisile ngempela,” lathi, “Ngawudabukisa uMoya kaNkulunkulu okokugcina.” Lathi, “Ngasuka kokubi kakhulu ngaya kokubi kakhulu.” Futhi lathi, “Inhliziyo yami ilukhuni kakhulu,” lathi, “Ngingawubona umphefumulo kamama wami uqobo uthoseka esihogweni njengepanikuku futhi ngiwuhleke.” Yilokho okuthola ngokudabukisa uMoya oNgewe.

NingaMxoshi, ningaMxoshi,
O, ufunu kanjani Yena ukuba athi, “Wenze
kahle,”
NgaloloSuku lwaPhakade,
Ungamxoshi uMsindisi oThandekayo
enhliziywensi yakho,
UngaMxoshi.

Ungahle ukwenze kulobibusuku okokugcina. Phakamisa isandla sakho nje, uthi, “Ngikhulekele, Mfowethu Branham.”

[Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

²⁴⁶ Yini Angasenzela yona manje na? Angasinika okwedlulele, okuchichimayo ngaphezu kwakho konke ebesingakwenza noma sikucabange. Uyakukholwa lokho na? Bangaki kini o...? Bangaki ogulayo phandle lapho na? Phakamisani izandla zenu. Abadingayo? Phakamisa isandla sakho nje, uthi, “Ngiyadinga,

nginesidingo.” Asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana njeké.

Khulekani nje futhi nithi, “Baba Nkulunkulu, makube yimi.” Yiba nokukholwa nje. Qhubeka nje ukhuleka.

²⁴⁷ Kukhona inenekazi elihlezi lapha ohlwini olungaphambili, likhulekela umngane ongekho lapha, ogulayo. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzomphulukisa lowomngane futhi amsindise na? Ungaba nakho. UNkulunkulu akubusise.

Qhubeka nje ukholwa.

²⁴⁸ Khona emuva lapha ngakwesokunxele sami (Ungaphakamisa ikhanda lakho.), indoda ehlezi lapho enenkathazo yeqolo. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa iqolo lakho, Mnumzane na? Uyakwenza.

²⁴⁹ Indoda elandelayo lapho inokuthile okungalungile ohlangothini lwayo. Wubambo lwayo, Mnumzane. Kunjalo. Ungasiphakamisa isandla sakho uma lokho kunjalo na? Unokuphulukiswa kwakho.

²⁵⁰ Inenekazi elihlezi lapho elilandelayo, lesosifo samathambo, uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angaphulukisa isifo sakho samathambo futhi akusindise na? Kukhona okungalungile ngezandla zakho, lelonenekazi elihlezi lapho, izandla nezinyawo kokubili. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphilisa na? Ukukholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, ungaba nakho ukuphulukiswa kwakho. UNkulunkulu akubusise, mama.

²⁵¹ Manje, bathinteni na? Ngitsheleni ukuthi bathinteni. Lowo ngumPristi oMkhulu, ngabe kunjalo na? Aniboni na? Bahlangane noNkulunkulu. Angibazi labobantu.

²⁵² Nonke lapho okukhulunywe nani lapho ngenkathi imibono isaqhubeka, uma ubungangazi nami bengingakwazi, phakamisa izandla zakho. Nonke lapha phakathi, noma ngabe ubukuphi, phakamisani izandla zenu. Kunjalo. Kulungile. Ngokuphelele.

Ulapha, anikukholwa lokho na? Bahlangane noNkulunkulu.

²⁵³ Kukhona inenekazi elihlezi khona emuva lapha ngakwesokudla. Anikuboni lokho kuKhanya phezu kowesifazane na? Unesifo samathambo, unesimila futhi ebeleli lakhe. UngowaseFort St. John. Igama lakhe ngu-Agnes. Sukuma uma lokho kunjalo. Angikwazi, angikaze ngikubone empilweni yami. Ngabe lezozinto zinjalo na? Phakamisa isandla sakho uma lokho kunjalo. Unaso isicelo sakho.

Uhlangane noNkulunkulu, yilokho okukwenzayo. “Uma ukholwa!”

²⁵⁴ Kunendoda ehlezi emuva lapho ezofanele ife khona manje, uma ingamkholwa uNkulunkulu. Inomdlavuza wesifuba, umdlavuza emaphashini. Uma uzokholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, uNkulunkulu uzokuphulukilisa. Yima ngezinyawo zakho

futhi wemukele ukuphulukiswa kwakho khona-ke, eGameni likaJesu Kristu.

Yini ekwenzayo na? Angiyazi indoda, iyisihambi ngokuphelele. Kodwa kunjalo, akunjalo, Mnumzane na? Uhangane noNkulunkulu. Hamba, ukukholwa. Amen.

Unokukholwa kuNkulunkulu na?

²⁵⁵ Owesifazane lapho ekhulekela indodana yakhe, inenkathazo yamankanka. Awu, kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, uzosinda. Kunjalo, akunjalo, Nenekazi na? Kunjalo, phakamisa isandla sakho. Unomunye umngane ogulayo omkhulekelayo naye, ongekho lapha. Kholwa nje ngayo yonke inhliziyo yakho, futhi unakho okucelayo.

²⁵⁶ Niyamkholwa uNkulunkulu na? Uma lowo kungesuye uNkulunkulu, angazi ukuthi uNkulunkulu uyini; lowo nguKristu phakathi kwenu, bangane. Niyakukholwa na? Seniba ngabaphuphuthekile kimi manje. Kubukeka nje njengaso sonke lesisakhiwo, njengokukhulu nje, ukuKhanya okumhlopho.

²⁵⁷ Yini ebingenzeka khona manje uma ubungakwemukela na? Bekuyokwenzekani manje nje, uma lezizethameli ngempela bezingakholwa nje kube kanye na? Yinye kuphela into yokugcina wonke umuntu ophakathi lapha ukuba angaphulukiswa, lokho nje ukungakholwa kwakho.

²⁵⁸ Nje phula lelobhanela elincane lobumnyama lapho futhi ubhekisise uMoya oNgewe wehlela kulesisakhiwo nawo wonke umuntu ophakathi lapha aphulukiswe. Uzokukholwa na? Sukuma ume ngezinyayo zakho bese ukwemukela-ke, eGameni likaJesu Kristu. Phakamiselani izandla zenu manje kuYe, nithi, “NgiyaKukholwa, Nkosi.”

Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda
Ngoba Wang'thanda kuqala

UyaMthanda ngenhliziyo yakho yonke na? Yonke inhliziyo yakho na? Phakamisani izandla zenu nje phezulu futhi niMdumise, nithi, “NgiyaKubonga, Nkosi Jesu.”

²⁵⁹ Yini indaba, Mfana oyiSosha na? Awuzukuzibulala. Udeveli uqamba amanga kuwe, Mfana. Unokwesaba okukhulu kuphela. Uqamba amanga kuwe, uzokuhlanyisa uma umkholwa. Mphike! Lahla udeveli!

²⁶⁰ Ngiyakuyala, eGameni likaJesu Kristu, ukuba ulahle udeveli futhi wemukele uJesu Kristu njengoMphulukisi wakho! Uzobuyela emuva futhi ube ngumnumzane ohloniphekile neyangempela, indoda yangempela. Uyakwenza na? Phakamisela izandla zakho kuNkulunkulu bese uthi, “Akadunyiswe uNkulunkulu.” Kunjalo. O, amen. Manje, buyela ekhayha futhi uphile.

Wonke lowo oMkholyayo, phakamisani izandla zenu futhi niMniko udumo. (*NgoMdumisa.*)

NgoMdumisa . . .

NgoMdumisa, ngoMdumisa,
Dumisani iWundlu ngokuhlatshelwa izoni;
Mnikeni udumo nonke nina bantu,
Ngokuba iGazi laKhe lisuse onke amabala.

NgoMdumisa, ngoMdumisa,
Dumisani iWundlu ngokuhlatshelwa izoni;
Mnikeni udumo nonke nina bantu,
Ngokuba iGazi laKhe lisuse onke amabala.

Manje, sisalihamisha . . .

NgoMdumisa . . .

Phenduka bese uxhawula omunye, uthi, “UNkulunkulu akubusise, Mhambi. UNkulunkulu akubusise, Mfowethu, Dadewethu, Mhambi.”

. . . oMdumisa,
Dumisani iWundlu ngokuhlatshelwa izoni;
O, Mnikeni udumo nonke nina bantu,
Ngokuba iGazi laKhe lisuse onke amabala.

Nonke eniMthandayo, nithi, “Mayibongwe iNkosi.” Kusho futhi, “Mayibongwe iNkosi.”

NgoMdumisa, ngoMdumisa,
Dumisani iWundlu ngokuhlatshelwa izoni;
O, mnikeni udumo nonke nina bantu,
Ngokuba iGazi laKhe lisuse onke amabala.

O, Akamangalisi na?

O, uyamangalisa, uyamangalisa, uJesu u . . .

Manje, Mdumiseni.

O, Meluleki, o, Nkosi yokuThula, uNkulunkulu onaMandla nguYe;
O, engisindisa, engigcina kuso sonke isono nehlazo,
Isimangaliso nguMhlengi wami, alidunyiswe iGama laKhe!

Ngake ngalahlekwa, manje sengitholakele,
ngikhululekile ekulahlweni,
UJesu unikeza inkululeko nensindiso egcweli;
Engisindisa, engigcina kuso sonke isono nehlazo,
O, uyamangalisa uMhlengi wami,
malidunyiswe iGama laKhe!

O, uyamangalisa, uyamangalisa,

Licule ngoMoya.

UJesu ku . . .

Valani amehlo enu nje futhi nibuke ngempela ukuthi Muhle kanjani.

UMLuleki, iNkosi yokuThula, uNkulunkulu
onaMandla nguYe;
O, engisindisa, engigcina kuso sonke isono
nehlazo,
Isimangaliso nguMhlengi wami, alidunyiswe
iGama laKhe!

²⁶¹ AniMthandi na? Emva komlayezo osikayo kanjalonjalo, bese-ke ubona izoni ziza emthonjeni ogcwaliswe ngeGazi, bese-ke ubona uMoya oNgcwele ungena, uqinisekisa ukuthi nguYe ezikhombisa Yena uqobo ephila, uMesiya kaNkulunkulu, ehamba phakathi kwethu kulobubusuku lapho, khona-ke singacula nje kuMoya futhi siMkhonze. O, he!

O, asicule lelo futhi. Ungasinika enye indlela na?

Uyamangalisa, uyamangalisa, uJesu kimi,
UnguMLuleki, iNkosi yami yokuThula,
uNkulunkulu onaMandla nguYe;
Uyangisindisa, o, engigcina kuso sonke isono
nehlazo,
Uyamangalisa uMhlengi wami, alidunyiswe
elaKhe...

Wonke lowo ozizwa ekahle ngempela, uthi, “Akabongwe uNkulunkulu.” Kuhle.

²⁶² Asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje manje. Angazi noma niyalazi yini leloculo enhla lapha eCanada, lingelinye lamaculo ethu amakhulu aseNingizimu, *Hamba NeGama LikaJesu*.

Kulungile, sinikeze indlela kulo, Dadewethu.

²⁶³ Kulungile, asilicule kamnandi manje. Onke lawa amahle, amaphimbo amancane aseNorway, phumanzi ngqo manje. U—ungahle ungabi u—umculi ocula kamnandi, kodwa cula ngenhliziyo yakho.

²⁶⁴ A—a—angi... Ngiyakuthanda ukucula okudala okuhle kwePentecostal, kodwa ngiyalizonda iphimbo eliqeqeshwe ngokweqile, bebambe umoya wabo, niyazi. Ngivele nje, ngithanda ukuzwa ukucula okuhle ngempela kwePentecostal, yebo, mnumzane. Kulungile. Kulungile.

Hamba neGama likaJesu,
Mntwana wokudabuka nowosizi;
Liyakukunikeza injabulo nentokozo,
O, Lithathe noma kuphi...

Leyonkathazo yendlebe isihambile kuwe, yalapho, yomntwana emuva lapho.

...Gama, O limnandi kangaka!

Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu;
 Gama eliligugu, (Gama eliligugu kakhulu!) O
 limnandi kangaka!
 Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu.

Manje, namakhanda ethu ekhotheme, sithi:

NgeGama likaJesu siyakhothama,
 Siwa sikhuleka ezinyaweni zaKhe,
 INkosi yamakhosi eŽulwini siyoYiqhelisa,
 Lapho uhambo lwethu selufeziwe.

Gugu . . .

Bangaki okholwayo ukuthi usuphilisiwe manje na?
 Phakamisani izandla zenu e...UNkulunkulu akubusise.
 UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu . . . O, bukani nje!

Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu;
 Gama eliligugu, O limnandi kangaka!
 (Akumnandi lokho na?)

Themba lomhlaba nokwethaba . . .

Hamba neGama likaJesu,
 NjengesiHlangu kubobonke onoxhaka;
 Lapho izilingo zikuzungeza,
 (Udeveli ethi, “Awuphulukisiwe manje.”
 Wenzani na?) Vele nje uphefumule leloGama
 elingcwele ngomkhuleko.

Gama eliligugu . . .

²⁶⁵ Melusi, izethameli zakho manje. UNkulunkulu akubusise.



61-0520 Kusukela KulesoSikhathi
EBandleni iUnited
EDawson Creek, EBritish Columbia ECanada

ZULU

©2023 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS

P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.

www.branham.org